UMTHETHO WOKUQHUTSHEKISELWA PHAMBILI UKUFINYELELEKA KOLWAZI

ISAHLUKO SE-14

INOMBOLO YOKUBUYEKEZA	:	5.3
INOMBOLO YEREFRENSI	:	7/5/1
USUKU OKWAQEDWA NGALO	:	Febhuwari 2014

the dti
Department:
Trade and Industry
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

PROUDLY SOUTH AFRICAN

ITHEBULA LOKUQUKETHWE

UKWAMUKELWA **3**

IZIFINYEZO NAMA-AKHRONIMI **4**

1. Isingeniso **6**

2. Inhloso **6**

3. Okushiywe ngaphandle **7**

3.1 Ama-COTII 7

4. Isakhiwo nemisebenzi ye-dti **10**

4.1 Inhlosombono **ye-dti** 10

4.2 Intshisekelo **ye-dti** 10

4.3 Izinhloso ezibalulekile eziqondiswe emiphumeleni 10

4.4. Ukuchazwa kwezinhlelo nezinhledlwana 10

5. UMhlamhlandlela Wesigaba se-10 ngokuthi usetshenziswa kanjani uMthetho **14**

6. Imininingwane yokuxhumana **15**

6.1. UMgcinilwazi 15

6.2. USekela-Mgcinilwazi 15

6.3. Amakheli 15

7. Ukufinyelela kumarekhodi agciniwe yi-dti **16**

7.1. Izinhlaka zamarekhodi agcinwe **yi-dti** 16

7.2. Izinhla zamazerekhodi atholakalayo ukuze ahlolwe ngokoMthetho ngaphandle kwamaRekhodi e-PAIA 18

7.3. Izinhlaka zamarekhodi atholakala ngokuzenzakalelayo **e-dti** 18

8. Inkambiso yokwenza isicelo **19**

8.1. Inqubo 19

8.2. Izimali ezikhokhwayo 21

9. Ukuvunywa/ukwenqatshwa kwesicelo **23**

9.1 Ukwenqatshwa Kwesicelo 23

IZIXHUMELO **28**

UKWAMUKELWA

Amagama Nesikhundla	Ukwamukelwa	Isiginesha	Usuku
V Rabie **U-CIO** **U-OCIO**	**Kunconywa** ☐ **Akunconywa** ☐		
Izizathu (Kuphoqelekile uma umbhalo unganconywa)			
UMnu SNO Choane **U-DDG** **U-GSSSD**	**Kunconywa** ☐ **Akunconywa** ☐		
Izizathu (Kuphoqelekile uma umbhalo ungasekelwe)			
UMnu L October **U-DG** i-dti	**Kunconywa** ☐ **Akunconywa** ☐		
Izizathu (Kuphoqelekile uma umbhalo ungamukelwe)			

ISBN: 978-0-621-43179-7

IZIFINYEZO NAMA-AKHRONIMI

I-ADEP	Hlelo Lokuthuthukiswa kanye Nokwenza Ngcono Ezolimo Zasemanzini
I-AIS	Uhlelo Lokonga Ngezimoto
I-B-BBEE	Ukuhlonyiswa Okunabile Kwezomnotho Kwabantu Abamnyama
I-BBSDP	Uhlelo Lokuthuthukiswa Kwabahlinzeki Bamabhizinisi Abantu Abamnyama
I-BEE	Ukuhlonyiswa Kwezomnotho Kwabantu Abamnyama
I-BPO	UHlelo Lokukhishelwa Ngaphandle Kqenqubo Yebhizinisi
I-BPS	Izinsizo Zezinqubo Zamabhizinisi
U-CEO	UMphathi Omkhulu
I-CIP	Uhlelo Lwezingqalasizinda Ezibalulekile
I-CIPC	Izinkampani kanye Nekhomishani Yempahla Yokuqamba;
I-CIPT	Izinkampani kanye Nesigungu Sempahla Yokuqamba;
I-CIS	Uhlelo Lwezibonelelo Zokopeletsheni
Ama-COTII	UMkhandlu Wezikhungo Zohwebo Nezimboni
I-CSIR	UMkhandlu Wocwaningo Lwesayensi Nezimboni
I-DBSA	Ibhange Lentuthuko laseNingizimu Afrika
U-DDG	USekela-Mqondisi-Jikelele
I-ECIC	Inhlngano yaseNingizimu Afrika Yomshwalense Wekhredithi Yokusa Impahla kwamanye Amazwe
I-EE	Ukulingana Emsebenzini
I-EIP	Uhlelo Lokonga Kwamabhizinisi
I-EMIA	Ukuthengisa Ukusiwa Kwempahla Kwamanye Amazwe Kanye Nosizo Lokonga
I-FRSC	Umkhandlu Wamazinga Okubika Ezezimali
U-GSSSD	UPhiko Lezinhlelo Zamaqembu kanye Nezinsizo Zokusekelwa
I-ICT	Ukuxhumana Kolwazi Nobuchwepheshe
I-IDC	Inhlangano Yokuthuthukiswa Kwezimboni
I-IDIAD	Uphiko Lokuphathwa kwezibonelelo Zokuthuthukiswa Kwezimboni
Ama-IDZ	Izindawo Zokuthuthukiswa Kwezimboni
I-IPAP	Uhlelo Lokuzokwenziwa Lenqubomgomo Yezimboni
I-ISP	Uhlelo Lokusekelwa Kokukhula
I-IWF	Isikhwama sabesimame Isivande
I-MIP	Uhlelo Lokonga Ngokukhiqiza
I-NCC	IKhomishane Kazwelonke Yabathengi
I-NCR	UMlawuli Kazwelonke Wezikweletu
I-NCT	Isigungu Sikazwelonke Sabathengi
I-NEDP	UHlelo Lukazwelonke Lokuthuthukiswa Kokusiwa kwempahla Kwamanye Amazwe
I-NEF	Isikhwama Sikazwelonke Sokuhlonyiswa
I-NEPAD	Ukubambisana Okusha Kwentuthtuko Yase-Afrika (i-NEPAD)
I-NGB	IBhodi Likazwelonke Lokugembula
I-NIPF	UHlaka Lukazwelonke Lokubamba Iqhaza
I-NLB	IBhodi Likazwelonke Lelotho
I-NMISA	Isikhungo Sikazwelonke Sezisindo Saseningizimu Afrika
I-NRCS	IZincaciso Eziphoqelekile Somlawuli Lazwelonke
I-ODG	IHhovisi Lomqondisi-Jikelele
I-PAIA	UMthetho Wokuqhutshekiselwa Phambili Ukufinyeleleka Kolwazi
I-PAIS	Uhlelo Lokonga Ngezimoto Ezithwala Abantu
I-SABS	UPhiko LwaseNingizimU Afrika Lamazinga Ekhwalithi
I-SAHRC	IKhomishane YaseNingizimu Afrika Yamalungelo EsiNtu
I-SANAS	Uhlelo LaseNingizimu Afrika Lukazwelonke Lokuqinisekiswa

I-SARB	IBhange Ngodla LaseNingizimu Afrika
I-SARS	UPhoko Lwezentela LaseNingizimu Afrika
I-SAWEN	Uhleloxhumano Losomabhzizinisi BaseNingizimu Afrika Besimame
I-SEDA	I-Ejensi Yokuthuthukiswa Kwezimboni Ezincane
Ama-SMME	IZimbini Ezimaphakathi Nezinkulu ngobukhulu
I-SPII	Uhlelo Lokusekela Ukwenziwa Kokusha Ezimbonini
I-SSASS	Uhlelo Losizo Oluqondene Nomkhakha
I-stp	**Uhlelo lwe-seda' Lobuchwepheshe**
I-THRIP	IZinhlelo Zezimboni Zobuchwepheshe Nezabasebenzi
I-DTI	UMnyango Wezohwebo Nezimboni
I-WIPO	Inhlangano Yamazwe Ngamazwe Yempahla Yokuqamba
I-WTO	Inhlangano Yezohwebo Lamazwe Ngamazwe.

1. ISINGENISO

UMthetho Wokuqhubekisela Phambili Ukufinyeleleka Kolwazi we-2000 (uMthetho wesi-2 we-2000) waqala ukusebenza mhla zi-9 Mashi 2001, wenza ukuba kusebenze ilungelo lomthethosisekelo lokufinyeleleka kunoma iluphi ulwazi olugcinwe umgwamanda kahulumeni noma wangasese oludingekayo ukuze kusetshenziswe noma kuvikelweke nanoma imaphi amalungelo. Lapho isicelo senziwe ngokoMthetho, umgwamanda ocelwayo uphoqelekile ukuba udedele ulwazi, ngaphandle kwalapho uMthetho uhlinzekela ngokucacile ukuthi ulwazi lungahle lungadedelwa noma akufanele ukuba ludedelwe.

UMthetho ubeka imidanti edingekayo yenkambiso ehambisana nesicelo esinjengalesi. Le manuwali kuhloswe ngayo ukugxilisa isiko lobusobala nokuziphendulela ngaphakathi eMnyangweni Wezohwebo Zezimboni (**i-dti**) ngokwenza ukuba kusebenze ilungelo lokuthola ulwazi oludingekayo ekusetshenzisweni kanye nasekuvikelweni kwamalungelo omuntu ngamunye noma enhlangano. Ukukhuthaza ukwengamela ngempumelelo kwemigwamanda kahulumeni, kuyadingeka ukuba kuqinisekiswe ukuthi bonke abantu bayahlonyiswa futhi bafundiswe ngamalungelo abo ngokoMthetho.

IsaHluko sesi-9 soMthetho samukela ukuthi ilungelo elifana naleli lokufinyeleleka kolwazi alikwazi ukungabekelwa imikhawulo futhi lifanele libekelwe imikhawulo efanele, kumbandakanya, kodwa kungapheleli:

- Emikhawulweni okuhloswe ukuvikela ngemfanelo ubungasese;
- Ubumfihlo bezohwebo; kanye
- Nokuphatha kangcono, ngempumelelo nakahle.

Ngaphezu kwalokho, ilungelo elishiwo ngaphambilini lokufinyeleleka kolwazi liafanele lisetshenziswe ngendlela eyenza ukulingana kwalelo lungeloo kanye nanoma iliphi elinye ilungelo, kumbandakanya amalungelo afana natholakala kuSomqulu Wamalungelo Obuntu njengoba etholakala kuMthethosisekelo.

Isahluko se-14 soMthetho sidinga imigwamanda kahulumeni ukuba yenze imanuwali ezosiza umuntu ukuba athole ulwazi olusezandleni zomgwamanda kahulumeni futhi ebeka izidingo ezincane okufanele zifezwe imanuwali.

Ukwengeza, **i-dti** ilwela ukuba sobala kanye nokuhlinzeka ngolwazi ngokukhululeka futhi njalo emphakathini wamabhizinisi, abathengi kanye nomphakathi jikelele ngokusebenzisa okushicilelwe, izasizo i-website nesikhungo sezincingo sayo.

Isahluko se-14 seManuwali sizofakwa ulwazi olusha njalo ngonyaka.

2. INHLOSO

Le manuwali inikeza nanoma ngabe ubani onesifiso sokuba uMthetho usize ngemininingwane yokuxhumana kanye nezinkambiso zokuthola ulwazi oluthile ku-**dti**.

Iphinda futhi inike umuntu ofana nalona ukukha phezulu okucacilr ngesakhiwo, imisebenzi, izinsizo kanye ne-indekhsi yolwazi lwe-**dti** ukuze imvumele ukuba aphawule ulwazi oludingekayo uma luvele lukhona.

Okufakiwe kumanuwali amafomu kanye nezimali ezikhokhwayo okudingeka ukuba ziphelekezele nanoma iziphi isicelo solwazi.

3. OKUSHIYWE NGAPHANDLE

Ukwengeza amandla ayo ngaphakathi, **i-dti** incike eqenjini lama-ejensi nezikhungo ezikhethekile, ezilawulayo nezokuthuthukiswa kwezezimali ekuxhaseni ukukhula komnotho wayo, amathuba emisebenzi kanye nemibono yokulingana futhi nasekuthulweni kwemikhiqizo nezinsizo kuzakhamuzi zomnotho wezwe.

Le manuwali ihlinzekela amarekhodi e-**dti** kuphela futhi hhayi lawo ama-ejenzi ayo. Noma yiziphi izicelo zokufinyeleleka kolwazi ezenziwe kunoma imuphi kuZikhungo Zomkhandlu Womnyango Wezohwebo Nezimboni (ama-COTII) zifanele ziqondiswe kuMgcinilwazi wenhlangano efanele.

3.1 Ama-COTII

Izinhlaka ezilandelayo zibika e-**dti**:

Igama Lohlaka Lukahulumeni	Iminingwane Yokuxhumana	Uhlobo Lwemisebenzi
1. Izinkampani kanye Nekhomishani Yempahla Yokuqamba (i-CIPC)	**Ucingo:** 086 100 2472 (CIPC) **Ifeksi:** 086 517 7224 **I-imeyili:** info@cipc.co.za **Ikheli leposi:** P.O. Box 429, Pretoria, 0001 **I-website:** www.cipc.co.za	I-CIPC yasungulwa ukuba: iphoqelele imithetho yempahla kanye nezinkampani zobuhlakani kumbandakanya ukubhaliswa kwezinkampani; ukukhuthaza ukuxazulwala ngokuzithandela kwezingxabano ezivela phakathi kwenkampani futhi nimninimasheya noma umqondisi, ngaphandle kokungenelalela kwezomthetho engxabanweni; ukuqapha amaphethini okuthobela umthetho; ukuhlola izikhalazo; futhi nokuqalisa uphenyo, kumbandakanya nokudlulisela imidanti enkantolo kanye nokuvela ngaphambu kwenkantolo noma kweZinkampani Zesigungu.
2. Inhlngano yaseNingizimu Afrika Yomshwalense Wekhredithi Yokusa Impahla kwamanye Amazwe (i-ECIC)	**Ucingo:** +27 (0)12 471 3800 **Ifeksi:** +27 (0)12 4713850 **I-imeyili:** cthirion@ecic.co.za **Ikheli leposi:** P.O. Box 528, Menlyn, 0063 **I-website:** www.ecic.co.za	I- ECIC i-jenzi ezimele, kazwelonke yekhredithi yokuhanjiswa kwempahla kwamanye amazwe. Igunyazwe ukuba iphathe futhi ukhuthaze ukuthunyelwa kwempahla yaseNingizimu Afrika kwamanye amazwe ngokussayindela izimalimboleko zekhredithi zokusa izimpahla kwamanye amazwe kanye nokutshala izimali ngaphandle kwaseNingizimu Afrika ukwenzela ukuba osonkontileka baseNingizimu Afrika baphumelele izimpahla ezinkulu nezinsizo kwamanye amazwe. Ihlola ikhredithi yokusiwa kwempahla kwamanye amazwe kanye nezingozi zokutshalwa kwezimali kwamanye amazwe ngaphandle futhi ihlinzeke ngomshwalense wokusiwa kwempahla kwamanye amazwe nowokutshalwa kwezimali kwamanye amazwe egameni likahulumeni waseNingizimu Afrika.
3. IKhomishane Kazwelonke Yabathengi (NCC)	**Ucingo:** +27(0)12 940 4450 +27(0)12 761 3400 / 2039 **I-imeyili:** complaints@thencc.org.za **I-website:** www.nccsa.org.za	I-NCC ibheka ukwenziwa kwemisebenzi kanye nokusetshenziswa kwamandla anikwe yona. Ekwenzeni imisebenzi yayo, iKhomishane lingahle libuyekeza okwenzeka emazweni omhlaba enkundleni yokuvikelwa kwabathengi, noma ixhumane nanoma yimuphi umuntu, inhlangano noma isikhungo maqondana nanoma yiluphi udaba oluphathelene nokuvikelwa kwabathengi.
4. Isigungu Sikazwelonke Sabathengi (NCT)	**Ucingo:** +27(0)12 683 8140 **Ifeksi:** +27(0)12 663 5693 **I-imeyili:** registry@thenct.org.za **Ikheli Leposi:** Private Bag X110, Centurion, 0046 **I-website:** www.thenct.org.za	I-NCT yahlulela nanoma yisiphi isicelo esingenziwa kuyo, futhi yenza nanoma yimuphi umyalo maqondana nesicelo esifana nalesi noma izinsolo zokuziphatha okwenqatshelwe ngokunquma ukuthi ingabe kubekhona ukuziphatha okwenqatshelwe futhi, uma kunjalo, iphoqelele isixazululo. Inikeza imiyalp zezindleko futhi ingasebenzisa nanoma imaphi amanye amandlaadluliselwe kuyo ngumthetho.

5. Umgwamanda Wezinkampani (i-CT)	**Ucingo:** +27(0)12 394 3071 **I-imeyili:** registry@companiestribunal.org za **I-website:** www.companiestribunal.org.za	I-CT yahlulela mayelana nanoma yisiphi isicelo esingenziwa kuyo ngokwalo Mthetho futhi yenza nanoma yimuphi umyalo ohlinzekelwe kulo Mthetho maqondana nesicelo esifana nalesi.
6. UMlawuli Kazwelonke Wezikweletu (i-NCR)	**Ucingo:** 0860 627 627 / +27 (11) 554 2600 **Ifeksi:** +27 (11) 805 4905 **I-imeyili:** complaints@ncr.org.za **Ikheli leposi:** P.O. Box 209, Halfway House, Midrand, 1685 **I-Website:** www.ncr.org.za	I-NCR inomsebenzi wokuqhubekisela phambili nokusekela intuthuko, lapho kunesidingo, kwemakethe yabathengi engenzeleli, enobusobala, enokuncintiisana, esimeme, ezibophezele, eyimpumelelo, engcono nekhuthaza abantu nemiphakathi eyayikade ishiywe ngaphandle phambilini, kanye nabantu nemiphakathi ekude, eqhelile futhi esezindaweni ezingenabo abantu abaningi emakethe yabasebenzisi bekhredithi bokugcina. Yenza ucwaningo futhi iphakamisa izinqubomgomo kuNgqongqoshe mayelana nanoma yiluphi udaba oluthintaimboni yekhredithi yabathengi, kubandakanya kodwa kungapheleli kumaphulo omthetho, okulawula noma enqubomgomo azokwenza ngcono ukukufinyeleleka kukhredithi kwaabantu abacatshangwa ngenhla.
7. Isikhwama Sikazwelonke Sokuhlonyiswa (i-NEF)	**Ucingo:** +27 (0)12 305 8000 **Ifeksi:** +27 (0)12 305 8001 **I-imeyili:** info@nefcorp.co.za **Ikheli leposi:** P.O. Box 31, Melrose Arch, Melrose North, 2076 **I-website:** www.nefcorp.co.za	Ukugxila kwe-NEF ngukuqhubekisela phambili nokukhuthaza ukulingana noguquko Lomnotho wabantu abamnyama. Uhlinzeka ezezimali kanye izixazululo ngezimali zamabhizinisi abamnyama kuwo wonke umkhakha nangemikhiqizo yokonga kuzakhiwo ezifinyelelekayo zokuthengisa zabantu abamnyama kususelwa ekutshalweni kwezimali okulinganayo kombuso. Ukuthunywa nentshisekelo yayo ngukuba yi-ejensi yokuxhasa ngezimali kaHulumeni ekukhuthazeni ukusetshenziswa kwe-B-BBEE ngokweMithetho Ye-BEE Yokuziphatha Okuhle.
8. IBhodi Likazwelonke Lokugembula (i-NGB)	**Ucingo:** 086 722 7713 / 010 003 3475 **Ifeksi:** 086 6185 729 **I-imeyili:** Info@ngb.org.za **Ikheli Leposi:** Private Bag X27, Hatfield, 0028 **I-website:** www.ngb.org.za	I-NGB yasungulwa ukuba iqaphe futhi iphenye, uma kunesidingo, ukukhishwa kwezimvume zikazwelonke yiziphathimandla zezimvume zezifundazwe ezenza izivumelwano nalezo ziphathimandla mayelana nezinyathelo ezizothathwa ukulungisa nanoma ikuphi ukungasbenzi kahle, ukwenza iziphakamiso, ukuqapha amaphethini asenhlalweni nawezomnotho okwenziwayo ukugembula ngaphakathi eRiphabhlikhi futhi, ikakhulukazi, kucwaningwa futhi kuphawulwa izinto eziphathelene namaphethini, futhi ngamaphethini, izimbangela, kanye nemiphumela: (i) Umthelela enhlalweni nasemnothweni wokugembula; kanye (ii) Ukugembula okungumkhuba noma okungalawuleki.
9. IBhodi Likazwelonke Lelotho (i-NLB)	**Ucingo:** +27 (0)12 432 1300 **Ifeksi:** +27 (0)12 432 1402 **i-imeyili:** info@nlb.org.za **Ikheli leposi:** P.O. Box 1556, Brooklyn Square, 0075 **I-website:** www.nlb.org.za	I-NLB iqapha futhi iphoqelele ukusebenza kwelotho kazwelonke kanye nokusungulwa kwamalotho angasese neminciswano yokuzithengisa. Iphatha isiKhwama Sikwazwelonke Sethrasti Yokusabalalisa Ilotho, okuyisona esisabalalisa izimali ezenziwe zisika ekuthengisweni kwelotho ziyosetshenziselwa ukwenza ubuhle.
10. Isikhungo Sikazwelonke Sezisindo Saseningizimu Afrika (i-NMISA)	**Ucingo:** +27(0)12 841 4152/1 **Ifeksi:** +27 (0)12 841 2131 **I-imeyili:** info@nmisa.org **Ikheli leposi:** Private Bag X 34, Lynnwood Ridge, Pretoria, 0040 **I-website:** www.nmisa.org	I-NMISA ibheke ukuphumelelisa, ukugcina nokusabalalisa i-International System of Unit (i-SI). Igcinela iNingizimu Afrika futhi iyithuthukisele amazinga ayisisekelo esayensi yobuningi obubonakalayo iphende futhi iwaqhathanise namanye amazinga kazwelonke ukuze kuqinisekiswe ukufanana kokukala kwamazwe omhlaba.

11. Izincaciso Eziphoqelekile Somlawuli Lazwelonke (i-NRCS)	**Ucingo:** +27 (0)12 428 5000 **Ifeksi:** +27 (0)12 428 5199 **I-imeyili:** info@nrcs.org.za **Ikheli Leposi:** Private Bag X 25, Brooklyn, 0075 **I-website:** www.nrcs.org.za	UMthetho we-NRCS uhlinzekela ukusungulwa kwalesi sikhungo.. I-RCS ibheke umsebenzi wokuphatha nokugcinwa kwezincaciselo eziphoqelelwe kanye nokusetshenziswa kwezinhlelo zokulawula nokuphoqelela kwezincaciseleo eziphoqelelwe.
12. I-Ejensi Yokuthuthukiswa Kwezimboni Ezincane (i-SEDA)	**Ucingo:** +27 (0)12 441 1000 **Ifeksi:** +27 (0)12 441 2064 **Imeyili:** info@seda.org.za **Ikheli leposi:** P.O. Box 56714, Arcadia, 0007 **I-website:** www.seda.org.za	I-SEDA ihlinzeka izinsizo zokwakha nokusela ibhizinizisi okungezona ezezimali kuzimabhzinisi amancane ngokubambisana nabanye abadlala indima. Intshisekelo yayo ukwakha, ukusekela nokuqhubekisela phambili amabhzinisi amancane ukuze kuqinisekiswe ukukhula nokuzimela kwawo.
13. UPhiko LwaseNingizimU Afrika Lamazinga Ekhwalithi (i-SABS)	**Ucingo:** +27 (0)12 428 7911 **Ifeksi:** +27 (0)12 428 7889 **I-imeyili:** Info@sabs.co.za **Ikheli Leposi:** Private Bag X191, Pretoria, 0001 **I-website:** www.sabs.co.za	I-SABS ihlose ukwenza, iqhubekisela phambili nokugcina aMazinga Kazwelonke waseNingizimu Afrika; ukuthuthaza ikhwalithi maqondana nempahla enokubaluleka, imikhiqizo nezinsizo; futhi inikeze izinsizo zokuhlola ukubalelela kumazinga kanye nemidanti ehlobene nawo.
14. Uhlelo LaseNingizimu Afrika Lukazwelonke Lokuqinisekiswa (i-SANAS)	**Ucingo:** +27 (0)12 394 3760 **Ifeksi:** +27 (0)12 394 0526 **I-imeyili:** office@sanas.co.za **Ikheli Leposi:** Private Bag X23, Sunnyside, 0132 **I-website:** www.sanas.co.za	Inhloso ye-SANAS ukuqinisekisa noma ukuqapha iNkambiso Enhle Yamalabholathi ukwenzela izinjongo zokulandelwa kwemithetho, izinhlangano ezingena ngaphansi komkhakha wokwenziwayo; ukugqugquzela ukuqinisekiswa njengenedlela yokukhuthaza ukuhwebelana kwamazwe omhlaba nokwenza ngcono ukusebenza komnotho waseNingizimu Afrika; ukukhuthaza ukuhlonishwa komthetho kanye nokufana kwemigwamanda ezinisekisiwe; kanye nokukhuthaza ukufaneleka nokufanana kwezikhungo zezikhalazo ze-GLP.

4. ISAKHIWO NEMISEBENZI YE-dti

4.1 Inhlosombono ye-**dti**

“INingizimu Afrika yomnotho onobulula bezimboni, encintisana ezingeni lamazwe omhlaba, evelele ngokukhula nokuthutuka okumbandakanyayo, amathuba emisebenzi emihle nenokulingana, eyakhelwe ekukhoneni ngokuphelele kwazo zonke izakhamuzi.”

4.2 Intshisekelo ye-**dti**

I-dti ihlose lokhu okulandelayo:

- Ukuqhubekisela phambili uguquko lokwakheka, olubhekiswe ekwenzeni izwe lomnotho onobulula bezimboni, encintisana ezingeni lamazwe omhlaba;
- Ukuhlinzeka ngesimo esicabangelekayo,sokuncinitisana, sokulingana nanye nokuzibophezela emphakathini, esivumela ukutshalwa kwezimali, uhwebo kanye nokuthuthuka kwamabhizinisi;
- Ukwandisa ukubamba iqhaza emnothweni ukuze kuqiniswe ukuthuthuka komnotho; kanye
- Nokwenza ngcono njalo amakhono kanye namandla e-**dti** okwethula ngempulelo lokho ekugunyaziwe futhi iphendule izidingo zezakhamuzi zaseNingizimu Afrika.

4.3 Izinhloso ezibalulekile eziqondiswe emiphumeleni

Izinhloso ezibalulekile ze-**dti** yilezi:

1. Ukwenza uguquko kwezomnotho ukuze kukhuthazwe intuthuko yezimboni, ukutshalwa kwezimali, ukuncintisana kanye nokwakhiwa kwamathuba emisebenzi;
2. Ukwakha ubudlelwano bezifunda nomhlaba obuzisa ngoshintshiselana ukuze kuthuthukiswe uhwebo lwaseNingizimu Afrika, izinhloso zenqubomgomo yezezimboni kanye nentuthuko yezomnotho;
3. Ukukhuthaza ukubamba iqhaza kwezomnotho okwandile ngekungenelela okuqondisiwe ukuze kuphunyeleliswe ukukhula okumbandakanyayo;
4. Ukwakha isimo sokulawula ngokungenzeleli esivumela ukutshalwa kwezimali, ukuthuthuka kwezohwebo nezimboni ngendlela enokulingana nokubhekelwa komphakathi; kanye
5. Nokugqugquzela isimo sokusebenza esiglile kumakhasimende, esolwazi, semka,biso enhle, esiguququkayo nesinokuncintisana esiqinisekisa ukwethulwa kwezinsizo ngempumelelo.

4.4. Ukuchazwa Kwezinhlelo Nezinhledlwana

I-dti yakhiwe izinhlelo eziyisikhombisa ezichazwe lapha ngezansi:

4.4.1 Uhlelo loku-1: Ukuphatha

a) Inhloso: Sinikeza ubuholi umsebenzi emnyangweni kanye nezinhlangano, ukuqinisekisa ukusebenza ngempumelelo igunya yomnyango ngokusebenzisa ezimele kanye izixazululo kanye nezinsiza ukuthi customer-driven, kubandakanya ucwaningo, ukuthuthukisa inqubomgomo yezomnotho, ukukhula kanye nokulinganisa.

b) Ukuchazwa Kwezinhledlana:

- **IHhovisi LikaNgqongqoshe lihlinzeka ngobuholi kanye nokuqindiswa kwenqubomgomo ku-dti;**
- **IHhovisi Lomqondisi-Jikelele (i-ODG)** lihlinzeka ngokuphatha jikelele kwemithombo ye-**dti**.

- **Izinsizo Zenhlangano** zihlinseka ngezixazululo ezibhekiswe kumakhasimennde nezimbandakanyayo ekuphathweni kwezabasebenzi, kolwazi kanye nezobuchwepheshe bokuxhumana (i-ICT), izinsizo zezomthetho, kanye nezokuphathwa kwezakhiwo.
- **Izindawo Zamahhovisi** ukubhekelwa kwezinsizo zokuhlaliswa kwamahhovisi ezifunda e-**dti** kanye nokuqinisekiswa kosizo lokunakekelwa okuqhubekayo;
- **Ukuphathwa Kwezimali** kuhlinzeka ngokusekelwa ku-**dti**, maqondana nokwabiwa kwezimali kanye nokuphathwa kwazo, ukuze kusizwe ukuphunyelelliswa kwezinhloso nezinjongo zomnyango;
- **Ukuxhumana** kugqugquzela ukuqwashisa okukhulu ngeqhaza lomnyango futhi nokwandisa ukwamukelwa kwemikhiqizo kanye nezinsizo zawo ngokwenziwa ngcono kwezindawo zokuxhumana namakhasimende kanye nokuqinisekisa ukuphathwa okuqinisiwe kobudlelwano namakhasimende; kanye nokwakha imikhankaso yokuqwashisa nokufundisa abasebenzisi ukuze kuqinisekiswe ukuqonda okufanelwe kwamagalelo omnyango; kanye
- **Nobudlelwano Babezindaba Nomphakathi** ukuqinisekisa ukuthi isithombe somnyango siyabonakala ngokwenza ngcono ukuphathwa kobudlelwano nabezindaba kanye nokwenziwayo kobudlelwano nomphakathi.

4.4.2 Uhlelo lwesi-2: Ukuthuthukiswa Kwezohwebo Lanamazwe Ngamazwe Nezomnotho;

a) Inhloso: Ukwakha uhlelo lokuhweba ngokulingana emhlabeni olukhuthaza intuthuko, ngokuqinisa ukuxhumana kwezohwebo nokutshalwa kwezimali namzwe eminotho ebalulekile kanye nangokugxilisa ukumbandakanya kwezifunda nokwezwekazi kanye nangokusebenzisana kwentuthuko ngokuhambelana nokuBambisana Okusha Kwentuthuko Yamazwe Ase-Afrika (i-NEPAD).

b) Ukuchazwa Kwezinhledlana

- **Ukuthuthuka Kohwebo Lamazwe Omhlaba** kukhuthaza ubudlelwano nezivumelwano zohwebo oluphakathi phakathi kwamazwe amabili nobuphakathi kwamaze amaningingi. Uhledlwana ludlulisela izimali eNhlanganweni Yokwenqatshelwa Kwezikhali Zamakhemikhali, njengegalelo aleNingizimu Afrika kusiVumelwano Sezikhali Zamakhemikhali; kuMalabhorathi e-Protechnik, njengegalelo leNingizimu Afrika kuzivumelwano nezinhlelo zamazwe omhlaba zokungaqiqizwa; kanye nakunhlangano Yezohwebo Emhlabeni (i-WTO), njengemali yobulungu beNingizimu Afrika kulenhlangano yomhlaba ebheka imithetho yokuhweba phakathi kwamazwe.
- **Ukuthuthuka Kwezomnotho Kwamazwe ase-Afrika** kukhuthaza ubudlelwano bezohwebo obuphakathi phakathi kwamazwe amabili nobuphakathi kwamaze amaningingi ase-Afrika okuhloswe ngabo ukugxilisa ukumbandkanya kwesifunda. Uhledlwana ludlulisa izimali likhokhela iBhange Lentuthuko LaseNingizimu Affika -afrika eseningizumu(i-DBSA) lilikhokhelela intuthuko yamaphulo ezindawo zesifunda ngenhloso yokusheshisa intuthuko ezimele yezenhlalo nezomnotho.

4.4.3 Uhlelo lwesi-3: Ukwandisa ukubamba iqhaza

a) Inhloso: Ukuhola ukwakhiwa kwezinqubomgomo kanye namasu ezenza isimo esimela izinkampani ezincane, ezimaphakathi, nezinkulu (ama-SMME), kanye nokwandisa ukuncintisana kweminotho yasekhaya neyezifundazwe, ukuze kuphunyeleliswe ukumbankanya kokwabelana ngokulingana, ukukhula nokwakhiwa kwamathuba emisebenzi.

b) Ukuchazwa Kwezinhledlana

- **Ukuthuthukiswa Kwezinkampani** kwenza isimo esivumela esifanele ukuthuthuka nokukhula kwama-SMME kanye nezinhlangano zokopeletsheni, futhi kuhlinzeka ngensizo ezenebe zokusekela intuthuko yamabhizinisi ahlukahlukene. Uhledlwana ludlulisa izimali likhokhela i-Ejensi Yokuthuthukiswa Kwamabhizinisi Amancane (i-SEDA), ehlinzeka izinsizo zokwakha nokusela ibhizinizisi okungezona kumabhzinisi amancane.

- **Ukulingana Nokuhlonyiswa** kuqhubekisela phambili ukuhlonyiswa kwezomnotho kwabantu abamnyama (i-BEE) kanye nokuhlonyiswa kwabesimame. Ukudluliswa kwezimali kukhokhelwa iNethiwekhi YaseNingzizimu Afrika Yamabhizinisi Abesimame (i-SAWEN), njengamanje ilawulwa yi-SEDA, eyeseka futhi ikhulisa ukuba namabhizinisi kwabesimame ngokusebenzisa izindawo zokuxhumana; kanye ne- Isivande Women's Fund (i-IWF)kaKopelestheni Wentuthuko Yezimboni (i-IDC), ehlinzeka ngokusekelwa kwezimali abesimame abangosomabhizinisi ukuze bakhulise amabhizinisi abo.
- **Intuthuko Yesifunda Yezomnotho** iqhubekisela phambili ukuthutkiswa kwezindawo zomnotho okunokulingana kkanye nokuphuculwa kokukhiqiza, ngokwakha izinqubomgomo, amasu kanye nezinhlelo ezigxila kuzifunda ezingathuthukile ngokugcwele. Uhledlwana ludlulisa izimali likhokhela i-University of Johannesburg: Uhlelo Lokwakha Ukuhlonyiselwa Intuthuko Yezomnotho. Uhledlwana futhi ludlulisa izimali likhokhela i-National Research Foundation's Technology and Human Resources for Industry Programmes (i-THRIP), eyeseka ucwaningo nnokwakhiwa kobuchwepheshe ngokuqinisa inani namakhono abantu abafanele; Uhlelo i-Productivity South Africa's Workplace Challenge exhasa ngezimali iphinde isekele ukukhiqiza okusezingeni lomhlaba kanye nokwenziwa ngcono kokubaluleka kwempahla ezinkampanini zaseNingizimu Afrika; uHlelo Lokusekela le-IDC Lezimboni Zokusha(i-SPII), olwenza ukuthi umkhakha wamabhizinisi angasese wakhe imikhiqizo nezinsizo ezintsha; uHlelo Lobuchwepheshe le-SEDA (i-STP), olwesekela ngezimali luphinde lusekele amaphulo asemasha, asavela nawokuqala obuchwepheshe okuhloswe ngawo ukwazi ukuncintisana kweNingizimu Afrika; futhi isiKhungo Sezamabhizinisi, esihlangana nokuqeqeshwa kwabanamajazi ngemisebenzi namabhizinisi ohlelweni lwezemfundo ephakeme, ngakho luhlomisa osomabhizinisi abasafufusa kanye nabanamajazi abangasebenzi.

4.4.4 Uhlelo lwesi-4: Intuthuko Yezimboni: Ukwakhiwa Kwenqubomgomo

a) Inhloso: Lwakha futhi luqalise ukusebenza kwezinqubomgomo, amasu kanye nezinhlelo zokuthuthukisa ukukhiqiza kanye nemikhakha ehlobene yomnotho; futhi lunesandla ngokuqondile nangokungaqondile ekwakhiweni kwamathuba amahle emisebenzi, ekwengezweni kokubaluleka nokwazi ukuncinitisana, kuzimakethe zasekhaya nezakwamanye amazwe.

b) Ukuchazwa Kwezinhledlana

- **Ukuncintisana Kwezimboni** kuthuthukisa izinqubomgomo, amasu kanye nezinhlelo ukuze kuqiniswe ukukhona kokukhiqiza kanye neminye imikhakha engeza ukubaluleka, ukuze kwakhiwe amathuba emisebenzi emihle futhi kwandiswe ukungezwa kokubaluleka nokuncintisana kuzimakethe zasekhaya nakwezokuthunyelwa kwempahla kwamanye amazwe, njengoba kushiwo ekwethulweni kweminyaka emithathu koHlelo Lokuzokwenziwa Kwezinqubomgomo Zezimboni lonyaka (i-IPAP). Uhledlwana futhi ludlulisa izimali likhokhela uPhiko LaseNingizimu Afrika Lamazinga Ekhwalithi (i-SABS); isiKhungo Sikazwelonke Sezisindo Saseningizimu Afrika (i-NMISA); iZincaciso Eziphoqelekile Zomlawuli Kazwelonke (i-NCRS); kanye noHlelo LaseNingizimu Afrika Lukazwelonke Lokuqinisekiswa (i-SANAS).
- **UHlelo Olwakhelwe Umkhakha** lwakha luphi luqalise ukusebenza kwamasu anomthelela omkhulu emkhakheni ngokukhiqiza neminye imikhakha engeza ukubaluleka kanye nokwazi ukuncintisana kuzimakethe zasekhaya nakwezokuthunyelwa kwempahla kwamanye amazwe, njengoba kushiwo ekwethulweni kweminyaka emithathu koHlelo Lokuzokwenziwa Kwezinqubomgomo Zezimboni lonyaka (I-IPAP). Uhledlwana futhi ludlulisa izimali likhokhela i-IDC: iSibonelelo Zokukhiqizwa kwezingubo nezindwangu kanye neZinhlelo Ezakhelwe Umkhakhaze-IDC; noHlelo Lwezimboni Zezindiza loMkhandlu Wocwaningo Lwesayensi Nezimboni (i-CSIR), Isikhungo Sikazwelonke Zokukhiqizwa Kokukhucula kanye neNethiwekhi Kazwelonke Yokushiswa kwensimbi; kazwelonke, ukunciphiswa centre futhi kazwelonke ishabhu lokubumba ubuchwepheshe network; intsimbi isu likazwelonke ukunikeza izinto zokusebenza; i-Intsimbi National Tooling Initiative; kanye ne-Centurion I-aerospace Village.

4.4.5 Uhlelo lwesi-5: ukulawulwa Kwabathengi Nezinhlangano

a) Inhloso: Ukusungula nokusebenzisa izixazululo zokulawula ezibumbene, ezicabengelekayo kanye nezisobala ezikhuthaza ukufinyelela okulula ekulungiseleni nasekulawuleleni izakhamizi zezomnotho.

b) Ukuchazwa Kwezinhledlana

- **Ukwakhiwa Kwenqubomgomo Nomthetho** kwakha izixazululo zokulawula, kumbandakanya nokubuyekezwa okuqhubekayo yomthetho.
- **Ukuphoqelelwa kanye Nokuhlonishwa Komthetho** kuhlunzeka umphakathi kanye nomkhkha wangasese ngokubukezwa kwenqubomgomo ukanye nokubuyekezwa kohlaziyo lwemikhuba, ukuhlolwa kwemithelela, ucwaningo lwemakhethe kanye nempulelo yama-ejensi olawulongokuhlonishwa kwemithetho ngokuzithandela.
- **Izinsizo Zolawulo ziqapha futhi zixhase ngezimali inani lama-ejensi, kumbandakanya:**
    1. IBhodi Likazwelonke Lokugembula(i-NGB), ehlindeka ngohlaka lezinqubo zokugembula futhi liqapha imithelela yasenhlalweni neyomnotho wokugembula kuzakhamizi.
    2. Isigungu Sikazwelonke Sabathengi (i-NCT), sahlulela emidantini yekhredithi nabathengi ukuze kuqinisekiswe ukulingana emakethe yekhredithi, futhi senza ukulinganisa kwamalungelo kanye nezibopho zabahlinzeki bekhredithi nabathengi;
    3. UMlawuli Kazwelonke Wezikweletu (i-NCR),ilawula imboni yekhredithi yabathengi ukuze kuvikelwe abasebenzisi bokugcina abasemakethe yekhredithi, uhlinzeka ngokwelulekelwa izikweletu kanye nangezindlela zokuzibuyekeza;
    4. The National Consumer Commission (i-NCC), eqinisekisa ukuthi izimakethe ezisebenza kahle ezingenzeleli, ezincintisanayo nezizibophezele kubathengi;
    5. Izinkampani kanye Nekhomishani Yempahla Yokuqamba (i-CIPC), ebheke ukuBhaliswa kwezinkampani, ukubambelela kumazinga ezezimali, ukuhlinzekwa ngokungenelela kokusindisa amabhizinisikanye nokuphoqelela kuzimo zokungahlinishwa kwemithetho;
    6. IBhodi Likazwelonke Lelotho (i-NLB), elilawula ukwengamela kwamalotho futhi ligqugquzele ukusatshalaliswa kwezikhwama zezimali zelotho lisatshalaliselwe ukusetshenziswa okuhle kanye nezinhloso zentuthuko;
    7. Izinkampani kanye Nesigungu Sempahla Yokuqamba (CIPT), ehlulela kumidanti evela ngenxa yoMthetho Wezinkampani wonyaka we-2008 (uMthetho wama-71 waonyaka we-2008);
    8. IPhaneli Yokulawula Ukudliwa kanye noMkhandlu Wamazinga Okubika Kwezezimai (i-FRSC), kwasungulwa kulandela uMthetho Wezinkampani ngonyaka we-2008 (uMthetho wama-71 wonyaka we-2008), kubheke ukulawulwa kwamathransekhshini antintekile kanye nokukhishwa kwamazinga; kanye
    9. INhlangano Yamazwe Ngamazwe Yempahla Yokuqamba (i-WIPO), egquqguzela igalelo leNingizimu Afrika ekwenganyelweni kwamazwe omhlaba kwempahla yokuqamba.

4.4.6 Uhlelo lwesi-6: Intuthuko Yezimboni: Ukwenganyelwa Kweziboneleloa) Purpose:

a) Inhloso: Ukukhuthaza nokugqgquzela ukwakhiwa kwezimboni ezizimele, ezintisanayo ngokusebenzisa ukuhlinzeka izinyathelo zezibonenelelo eziyimpumelelo nezifinyeleleka izisekela izinnhlosongqangi zikazwelonke.

b) Ukuchazwa Kwezinhledlana

- **Ukwandisa Ukubamba Iqhaza** kuhlinzeka ngezinhlelo zezibonelelo ezikiqhubekisela phambili ukubamba iqhaza okukhulu ethaza ukuhlanganyela ngokubanzi kwezomnotho ezijwayelekile zamabhizinisi anabanikazi abangabantu abavela emphakathini wabampofu kanye nezifunda ezishiyeke ngaphandle. UHlelo Lokuthuthutkisa Abahlinzeki Bamabhzizinisi Abamnyama (i-BBSDP), uHlelo Lwezibonelelo Zokopeletsheni (i-CIS) kanye noHlelo Lokusekelwa Kokukhula (i-ISP) zakha ingxenye yalolu hledlwana.
- **Izibonelelelo Zokutshalwa Kwezimali Ekukhiqizeni** ziqhubekisela phambili ukutshalwa kwezimali emkhakheni wokukhiqiza. Izinhlelo Zezibonelelo zimbandakanyana uHlelo Lokutshala Izimali Ekukhiqizeni (i-MIP) oluphakathi koHlelo Lokutshalwa Kwezimali Zezimboni (i-EIP); uHlelo Lokutshalwa Kwezimali

Kuzimoto (i-AIS); uHlelo Lezibonelelo Zezimoto Zokuthwala Abantu (i-PAIS); uHlelo Lokuthuthukiswa kanye Nokwenza Ngcono Ezolimo Zasemanzini(i-ADEP); kanye Nesibonelelo Sentela i-12I.

- **Izibonelelelo Zokutshalwa Kwezimali** ziqhubekisela phambili ukutshalwa kwezimali nokukhula emkhakheni wezinsizo. Izinhlelo Zezibonelelo zimbandakanya iZinsizo Zezinqubo Zamabhizinisi (i-BPS), ngaphambilini ezazaziwa ngokuthi uHlelo Lokukhishelwa Ngaphandle Kqenqubo Yebhizinisi (i-BPO); isiBonelelo Semikhiqizo Yamafilimu Nekamabonakude kanye noHlelo Lokutshalwa Kwezimali Kumabhizinisi (i-EIP).
- **Ukusekelwa Kokuthuthukiswa Kwezingqalasizinda** kuphoqa ukutshalwa kwezimali emnothweni waseNingizimu Afrika ngokuhlinzeka izingqalasizinda ezibalulekeile entuthukweni yezimboni, ngakho-ke ekuhambiseni impahla engezwe ukubaluleleka kwamanye amazwe futhi nasekudaleni amathuba emisebenzi. UHlelo Lezibonelelo lumbandakanya uHlelo Lwezingqalasizinda Ezibalulekile(i-CIP), uHlelo i-IDZ kanye nama-SEZ.
- **Ukwakhiwa Komkhiqizo Nezinhlelo** kuhlose ukwakha, ukubuyekeza, ukuqapha nokuhlaziya izinhlelo zezibonelelo ukuze kusekelwe uHlaka Lukazwelonke Lwenquomgomo Yezimboni (i-NIPF) futhi uhlelo lokuzokwenziwa layo kanye namasu omkhakha ukuze kulungiswe ukwehluleka okuphawuliwe.
- **Ukuthuthutkiswa Kwamabhizinisi kanye Nokunakekela Kwakamuva** kukhuthaza ukufinyelela kuzimboni eziqindiwe ngokubuyekeza izinhlelo zezibonelelo ngemithelela yazo kanye nezifundo ezifundiwe ukuze kuthuthukiswe izinhlelo zakudla futhi kwakhiwe ezintsha.

4.4.7 Uhlelo lwesi-7: Uhwebo Nokutshalwa Kwezimali eNingizimu Afrika

a) Inhloso: Ukukhulisa ukuhanjiswa kwempaha kwamanye amazwe kanye nokusekela ukutshalwa kwezimali ngqo kugeleze ngamasu aqondisiwe kanye nenethiwekhi ephethwe ngempumelelo yamahhovisi ohwebo ekwamanye amazwe.

b) Ukuchazwa Kwezinhledlana

- **Ukutshekiselwa Phambili Ukutshalwa Kwezimali Kanye Nokugqugquzela** kukhulisa ikhwalithi nobuningi bokutshalwa kwezimali kwakamanye amazwe nokwasekhaya ngqo ngokubutha, ukuxazulula izinkinga nageznsizo zolwazi. UHledlwana lubheke umbenzi wokuhlela iziNgxoxo zase-Afrika, inkomfa yamazwe omhlaba yokutshalwa kwezimali, kanye nokuqhusthekiselwa phambili kokutshalwa kwezimali eziya ngapahandle.
- **Ukuthuthutkiswa Nokuqhutshekiselwa Phambili Ukusiwa Kwempahla Kwamanye Amazwe** kuthuthukisa izimpahla eziya kwamanye amazwe ezibalukekile zaseNingizimu Afrika ukuze kwandiswe ukwabelana emakethe eqondiwe yokukhula, kfuthi kusimamise ukuthengwa ngokusimeme kwamasheya kuzimakethe zendawo ejwayelekile. Uhledlwana lwengamela zonke izibonelelo zeZimakethe Zokuhanjiswa Kwempahala Kwamanye Amazwe kanye neZibonelelo Zokutshalwa Kwezimali (ze-EMIA)futi lulawule ne-NEDP, okuhloswe ngakho ukwandisa ukuya kwezimpahala kwamanye amazwe kanye nokuthuthukisa uHulumeni kanye nokuxhumana komkhakha wangasese.
- **Imisebenzi Yamazwe Omhlaba** ikhuthaza uhwebo kanye nokutshalwa kwezimali futhi ilawule abamele umnyango abangama-32 emazweni angaphandle angama-45. Okubalulekile okwenziwayo kumbandkanya ukuxoxisana nabangahle babe abatshali bezimali.

5. UMHLAMHLANDLELA WESIGABA SE-10 NGOKUTHI USETSHENZISWA KANJANI UMTHETHO

ISahluko se-10 soMthetho sibeka umsebenzi kuKhomishane Yamalungelo EsiNtu (i-SAHRC) “yenze ngolimi ngalunye olusemthethweni umhlahlandlela oqukethe ulwazi olufana nalolu, ngendlela nangohlobo oluqondakala kalula, njengoba kungadingwa umuntu ofisa ukusebenzisa noma yiliphi ilungelo elicatshangelwa uMthetho”.

I-SAHRC ishicilele umhlahlandlela njengoba kubeke iSahluko se-10 soMthetho Wokuqutshekiselwa Phambili Ukufinyeleleka Kolwazi. Umhlahlandlela utholakala emahhovisi e-SAHRC.

The PAIA Unit (Promotion of Access to Information) at the South African Human Rights Commission
The Research and Documentation Department
Private Bag X2700
HOUGHTON
2014

Ucingo	+27 (0)11 877 3600
I-website	www.sahrc.org.za
I-imeyili	PAIA@sahrc.org.za

6. IMININGWANE YOKUXHUMANA

6.1. UMgcinilwazi

UMQONDISI-JIKELELE	UCINGO	IFEKSI	IKHELI LE-IMEYILI:
UMnu L October	+27 (0)12 394 3075	+27 (0)12 394 0323	LOctober@thedti.gov.za

6.2. Deputy Information Officer

U-DIO	UCINGO	IFEKSI	IKHELI LE-IMEYILI:
UDkt. GJ Calitz	+27 (0)12 394 5561	+27 (0)12 394 6561 +27 (0)12 394 0800	GCalitz@thedti.gov.za

6.3. Amakheli

IKHELI LEPOSI	IKHELI LENDAWO	I-WEBSITE
UMgcinilwazi I-**dti** Private Bag X84 Pretoria 0001	UMgcinilwazi I-**dti** 77 Meintjies Street Sunnyside Pretoria	www.thedti.gov.za

7. UKUFINYELELA KUMAREKHODI AGCINIWE YI-dti

7.1. Izinhlaka zamarekhodi agcinwe yi-dti

7.1.1 Ulwazi Lemikhiqizo Nemakethe

Lokhu kumbandakanya ulwazi olumayelana nemikhiqizo kanye nezimo zezimakethe, kanye nezinkomba zezikalo lapho le mikhiqizo itholakala kahona. Lolu hlu lolwazi lumbandakanyana imininingwane yezinkampani ezikhiqiza noma zilethe imikhiqizo yakwamanye amazwe, isimosokungatholi imikhiqizo yezikhali zenuzi, imikhuba yezimakethe ephathelene nemikhiqizo kuzwelonke, kuzifunda kanye nakwamanye amazwe, kanye nezinkomba ezibalulekile ezilawula le mikhuba.

7.1.2 Izivumelwano Zokuhweba

Lokhu skuthinta ulwazi oluqondene nezivumelwano zohwebo eziphakathi kweNingizimu Afrika kanye namazwe omhlaba kanye nezinye izinhlangano. Ulwazi olubalulekile oluqondene nalolu hlaka lubheke izivumelwano leziphakathi kweNingizimu Afrika namanye amazwe kanye nezifunda zomnotho zangaphandle, isivumelwano sichaza imikhiqizo ehlobene, izinkomba zomnotho kanye nemikhuba yezimakethe, kanye nezimo zemikhiqizo efakwe kusivumelwano.

7.1.3 Izibonelelo

Lokhu kumbandakanya ulwazi oluphathelene nezibonelelo i-**dti** ezihlinzeka izinhlangano ukuze zidlulise ubuchwepheshe futhi nentuthuko yezimboni, njll. Ulwazi olubalulekile kulolu hlaka lumbandakanya imikhiqizo kanye nohlobo lwezimboni ezinikezwa izibonelelo, izicelo ezitholwayo, imininingwane yezinkampani ezinikwa izibonelelo, imibandela yezibonelelo kanye nensebenzo yokunika izibonelelo kuzinkampani iqhathaniswa nale mibandela.

7.1.4 Izimvume

Lokhu kumbandakanya ulwazi oluphathelene nemidanti yezimvume i-**dti** eziikeza izinhlangano, kumbandakanya izimvume zokusa impahla kwamanye amazwe/zokuletha impahla ezwenikanye nokuthengisa utshwala, kanjalo nalezo ezisebenza ngemikhiqizo elawulwayo ngokoMthetho Wokutholakala kwezikali Zenuzi. Ulwazi olubalulekeil endikimbeni yezimvume ulwazi lwenkampani kanye nelomkhiqizo kanye nolwemikhawulo yokusa umkhiqizo kwamanye amazwe/zokuletha umkhiqizo ezweni, uma lusebenza.

7.1.5 Intela Yokusa Impahla Kwamanye Amazwe Kanye Neyokuletha Impahla Ezweni

Lokhu kumbandakanya intela yamanje neyomlando yakho kokubili ukusa impahla kwamanye amazwe kanye nokuletha impahla ezweni. Ulwazi olumayelana nezivumelwano zohwebo eziphakathi kweNingizimu Afrika kanye namanye amazwe, kanjalo naphakathi kwamazwe angaphandle.

7.1.6 I-SARS kanye ne-SARB

Lolu lwazi lumayelana namathransekhshini ezimali kanye nemibiko ngaphakathi e-SARS, SARB, nase-**dti**. Lokhu kumbandakanya amathransekhshini ezinkampani okusa impahla kwamanye amazwe kanye neyokuletha impahla ezweni, okushitshana ezimakethe zamazwe omhlaba okudingekwa yizinhlangano ukuze zilethe impahala ezweni, kanye ne-VAT kanye namanani ezimali ezingenile zezinhlangano ezibhalisiwe.

7.1.7 I-dti kanye Nokuphathwa Kwamagatsha

Lolu hlaka lusebenza kakhulu nolwazi oluphathelene nokuphathwa kanye nemibhalo yangaphakathi i-**dti** kanye nakumagatsha ayo. Uhlobo lolwazi olufakwe lapha kulolu hlaka izinhlelo zamabhizinisi, izindleko zamagatsha kanye nemibiko ngokuqhubekayo, izinqubo, izinkambiso kanye nolwazi lwenqubomgomo ngaphakathi e-**dti**.

7.1.8 Ukuphathwa Kokuxhunywana Nabo kanye Nabanotho

Ulwazi lokuphathwa kokuxhunywana lumbandkanya ulwazi mayelana nabanotho kanye namaklaynti abalulekile kanye nobudlelwano nokuxhumana ne-**dti**. Izicelo, izicelo zezimo kanye nezikhalazo eziphakanyiswe ngabanotho noma amaklayenti zizogcinwa futhi njengengxenye yolwazi lokuxhumana.

7.1.9 Ukuphathwa Kwezezimali kanye ne-HR

Lokhu kumbandakanya ulwazi lwezezimali lase-**dti** olufana nezabezimali, ukusetshenziswa kwezimali kulezo zabelozimali, isimo sezimali sezibonelelo/uxhaso olwabelwe izimali olukhishwa i-**dti**. Lolu lwazi luphathelene ngqo namaholo kanye nokwenziwayo kokuthola izinsizo. Ulwazi lwezabasebenzi luphathelene namaholo, ilivu, amakhono kanye nezinhlelo zokuthuthukisa amakhono abantu, kanjalo nezinhloso zabantu kanye nokusebenza kwabo uma kuqhathanaiswa nazo.

7.1.10 Abahlinzeki Bezinsizo Namakhono

Lolu hlaka lumbandakanya ulwazi olumayelana nabahlinzeki bamakhono kanye nezinsizo ku-**dti** kanye nakuzinhlangano noma abantu abafanayo ngesimo se-BBE. Lulu lwazi luyingxenye yolwazi lokutholakala kwezinsizo.

7.1.11 Ukuphathwa Kohlelo/kwePhrojekhthi

Lolu lwazi lumayelana nezinhlelo kanye namaphrojekthi e-**dti** ahlukayo ngokusukelwa ngezimali ngabaxhasi ukuya ezinhlelweni zemicimbi ehlelwe yi-**dti**. Lokhu kubandakanya ukuhlela, ukwabiwa kwezimali, ukuqapha, imininingwane yokwethulekayo neyemiphumela.

7.1.12 Okulawulayo Nokusemthethweni

I-**dti** iphethe iMithetho, izimiso nezinqubomgomo ezahlukahlukene ezihlobene nezohwebo nezimboni. Ukwengeza, i-**dti** inamarekhodi amacala omthetho aphathelene nemidanti yezohwebo nezimboni ezigameko zalapha ekhaya nezamazwe omhlaba.

7.1.13 Ukuphenya/ukuHlola

I-**dti** yenza uphenyo futhi ihlole ngenxa yemidanti yokuhlaziwa kwenqubomgomo, izikhalazo zabathengi nezicelo zomkhakha wezimboni. Ulwazi oluyingxenye yalolu hlaka lumbandakanya uhlobo lophenyo/ukuhlola, izinqubo zohlobo lophenyo/lokuhlola, umphenyi kanye nokutholakele.

7.1.14 Izinqubomgomo

Ziningi izinqubomgomo ezihlobene nezohwebo, imboni, izinto zomnotho nezasenhlalweni eziqhuba okwenziwayo kanye nokungenelela kwe-**dti**. Lezi zinqubomgomo kubuyelwa kuzo futhi zenziwe ngcono ngezikhathi ezithile futhi ziba uhlaka olubalulekile lolwazi olumayelana nokulawula kanye nezibonelelo. Izinqumgomo zokusebenza ziyatholakala kubo bonke abasebenzi be-**dti** nge-inthranethi ukuze bakwazi ukuzijwayeza ngokusebenza kwawo onke amagathsa kanye nanganoma iluphi uguquko olungaba nomthelela

7.1.15 Izimboni Nomkhakha

Zonke izinkampani zibekwa ngezinhla embonini noma emaqenjini omkhakha ukuze kuqoqwe ulwazi lezobunhloli bomnotho. Izinkampani ziletha imibiko yonyaka yezimali neyentela esetshenziselwa ukusabalalisa izibalo zomnotho.

7.2. Izinhla zamazerekhodi atholakalayo ukuze ahlolwe ngokoMthetho ngaphandle kwamaRekhodi e-PAIA

	Umthetho
Amarekhodi Okubhaliswa kotshwala (amarejista akanye nezitifiketi)	UMthetho Wotshwala wama-59 wonyaka we-2003: ISahluko sama-23
Imibiko Yokuhlola Nokuqinisekisa ehlinzekwa umuntu ohloliwe)	UMthetho Wokuqedwa Kokutholakaka Kwezikhali Ezibulala Ngobuningi wama-87 wonyaka we-1993: iSahluko se-14

7.3. Izinhlaka zamarekhodi atholakala ngokuzenzakalelayo e-dti

7.3.1 Publications available

- 12i –u-12g iPhalamende umbiko
- UHlelo Lwensebenzo YonyqkaAnnual Performance Plan
- UHlelo Lokuthuthukiswa Kokwenziwa Ngcono Ezolimo Zasemanzini
- Incwajana Ngohlelo Lesibonelelo Sezimoto (i-AIS)
- Ibhrosha ye-AIS
- Umbiko Ngemboni Yezimoto
- Incwajana i-BBSDP booklet
- Imihlahlandlela ye-CIS
- Ikhathalogu Yokopeletsheni
- Incwajana Yokopeletsheni
- Ipheshana Lokopeletsheni
- Umbiko Wekhomishane Ebukeza Ilungelo Lokushicilelwe
- UMhlahlandlela Wemoto Kagesi
- Izincwajana ye-EMIA
- Imihlahlandlela Yohlelo Lokonga Kwamabhizinisi
- Umhlahlandlela Wezibonelelo Ze-**dti**
- Umbiko Wokuqashwa Kwesibonelelo se-IDIAD
- Uhlelo Lokusekelwa Kokukhula
- Uhlelo Lokuzokwenziwa Lenqubomgomo Yezimboni (IPAP)
- Ibhrosha Ye-inthenishiphu
- Incwajana Yabatshali Bezimali
- UHlelo Lokuthuthukiswa Kokuncintisana Ekukhiqizeni
- Uhlelo Lokonga Ngokukhiqiza
- UHlelo Lukazwelonke Lokuthuthukiswa Kokusiwa kwempahla Kwamanye Amazwe
- UMthetho Kazwelonke Wotshwala

- Izibalo Zekota Zohwebo
- Uhlelo Losizo Oluqondene Nomkhakha
- Izincwajana Zohlaka Lwamasu
- UMbiko Wonyaka we-**dti**
- Iqembu le-**dti**
- Izinkampani eziyi-10 Ezihamba Phambili e-SA (ku-BRICS)
- Uhlelo Lokutshala Izimali Kwezokuvakasha
- Izimfihlo zohwebo ku-E-Commerce
- Izimfihlo Zokuhwebo Zamabhizinisi Amancane Namaphakathi
- Amazinga Ekhwalithi Ezimfihlo Zohwebo
- Ibhrosha ye-ITF yaseZimbabwe

7.3.2 Ulwazi oluku-website ye-dti

Ukuhlonyiswa kWezomnotho (i-B-BBEE, Ukuthuthukiswa Kopeletsheni, Ukuhlonyiswa Kwabesimame)

- Usizo Lwezezimali (izibonelelo)
- Ukuthuthukiswa Kwezimboni
- Umthethi kane neqoqomthetho lebhizinisi
- Incazelo ekha phezulu ye-**dti**
- Ukwakhiwa kwama-SMME
- Izinkulumo nezitatimende zabezokusakaza
- Ukuhweba, ukusiwa kwempahla kwamanye amazwe kanye nokutshalwa kwezimali
- Izibalo Zezohwebo
- Ama-Ejensi e-**dti**

8. INKAMBISO YOKWENZA ISICELO

8.1. Inqubo

Izinqubo ezilandelayo kade zisebenza kumnyango ekusebenzi ngezicelo zolwazi ngokoMthetho Wokuqhutshekiselwa Phambili Ukufinyeleleka Kolwazi:

Isinyathelo soku-1: Inqubo yesicelo

Ukucela ulwazi, ifomu lesicelo (bheka iseXhumelo A) kufanele ligcwaliswe futhi lisiwe:

NGEPOSI	NGESANDLA	NGEFEKSI
USekela-Mgcinilwazi I-**dti** Private Bag X84 Pretoria 0001	USekela-Mgcinilwazi I-**dti** Shared Services Centre 77 Meintjies Street Sunnyside Pretoria	USekela-Mgcinilwazi +27 (0)12 394 0800

Njengoba kudingwa yilo Mthetho, inani lemali engama-R35 .00 lifanele liphelekezele isicelo sokuthola ulwazi uma kungesona esomuntu ocela ulwazi ngaye uqobo. Le mali ikhokhwa ngesheke noma ngokheshi, uma ilethwe ngesandla, noma ingafakwa ku-akhawunti yasebhange ye-**dti**, okuyothi uma kwenzeke kanjalo ubufakazi bokufaka imalai bufanele buphelekezele ifomu lesicelo.

Bank:	**Standard Bank**
Branch:	Sunnyside
Branch code:	010645
Igama le-Akhawunti:	Department of Trade and Industry
Inombolo ye-Akhawunti:	370 650 026
Ireferensi:	11825740

Izinyathelo sesi-2: Ukuqinisekiswa kanye nokwamukelwa

USekela-Mgcinilwazi we-**dti** uthola futhi aphinde aqinisekise isicelo ukuze abe azi ukuthi ulwazi oludingekayo luyatholakala e-**dti**. Isicelo sibe sesamukelwa, sichithwe noma sidluliselwe kubagcini abafanele bolwazi oludingekayo. Ukwamukelwa kube ke sekuthunyelwa kumfakisicelo ukuze aqinisekise isimo isicelo.

Isinyathelo sesi-3: Ukusetshenzwa Kwesicelo

Uma isicelo samukelwe, i-**dti** izoqoqa futhi ilungise ulwazi yedlule ibale izindleko ezivelile (buka isigaba 8.2).

Isinyathelo sesi-4: Isaziso sokugcina

Umfakisicelo uzokwaziswa ngokuphothulwa kwesicelo kanye nezimali ezikhokhwayo ku-**dti**.

Isinyathelo sesi-5: Inkokhelo kanye nokulethwa kolwazi

Uma inkokhelo njengoba ishiwo eSinyathelweni sesi-4 isitholiwe (ukulandela inqubo afanayo neyokukhokha njengoba ishiwo kule iSinyathelweni soku-1), ulwazi luzobe seludedelwa luye kumfakisicelo.

ULWAZI JIKELELE

Umuntu ofisa ukuthola ukufinyeleleka kumarekhodi agcinwe i-**dti** ufanele agcwalise ifomu lesicelo eliqukethwe kuFomu A wesiXhumelo B kuzimiso ezimenyezelwe ngokoMthetho, futhi eziqukethwe kuSithasiselo A ku le manuwali. Izimiso (kanye neSahluko se-18 soMthetho) zidinga ukuba umfakisicelo anikeze ulwazi olulandelayo:

- Imininingwane yomuntu ofaka isicelo sokufinyeleleka kwirekhodi
- Imininingwane yomuntu isicelo esifakelwa yena;
- Imininingwane yerekhodi noma yamarekhodi afakelwa isicelo sokufinyeleleka;
- Ukuthi yiluphi uhlobo lokufinyeleleka oludingekayo, isib. uhlobo olubhaliwe noma olugayiwenoma olungenye indlela kagesi efundekayo ngekhompyutha, njll.?
- Ikheli leposi noma inombolo yefeksi yomfakisicelo;
- Ukuthi ingabe irekhodi elithintekayo lifanele libe ngolimi oluthile; kanye
- Nokuthi kuhlongozwa ukuthi ingabe umfakisicelo ufisa ukuba aziswe ngesinqumo mayelana nesicelo sokuthola ukufinyeleleka ku(ma)rekhodi eli(a)thintekayo.

nanoma isiphi isicelo esitholiwe sizosetshenzwa kungapheli izinsuku ezingama-30 zokusithola, ngaphandle uma umfakisicelo esho izizathu ezikhethekile ezinganelisa uMgcinilwazi ukuthi izimo ziphoqa ukuthi ukulandelwa kwezikhathi ezibekwe ngenhla. Isikhathi esiyizinsuku ezingama-30 i-**dti** okufanele inqume ngaso ukuthi iyasivuma isicelo noma iyasenqaba singakhuliswa ngesikhathi esingekho ngaphezu kwezinsuku ezingama-30 uma isicelo kungesolwazi oluningi noma sidinga ukuba kucingwe ulwazi olugcinwe kwelinye ihhovisi lesikhungo futhi lungeke lwathokala ngesikhathi esifanele esiyizinsuku ezingama-30. I-**dti** izokwazisa umfakisicelo ngokumbhalela uma kudingengeka ukuba kwengezwe isikhathi.

Uma isicelo senziwelwa omunye umuntu, umfaksicelo kufanele anikeze ubufakazi bokuthi isicelo usenza engubani ngokomsebenzi kuze kwaneliseke uMgcinilwazi.

Uma umuntu engakwazi ukugcwalisa ifomu elimisiwe ngenxa yokungakwazi ukufunda noma yokukhubazeka, umuntu onjengalona angasenza isicelo ngomlomo. UMgcinilwazi we-**dti** wobe esethatha isicelo somlomo asibhale phansi efomini, anike umfakisicelo ofana nalona ikopi yesicelo.

8.2. Izimali ezikhokhwayo

UMthetho uhlinzekela izinhlobo zemali ezimbili, okuyilezi:

- Imali yesicelo, eyimali ejwayelekile ekhokhwa ekhokhwa kuphela ngabafakizicelo abangaziceleli bono qobo; kanye
- Imali yesicelo, ebalwa ngokubheka izindleko zokukhiqiza, ukucinga isikhathi nezindleko zokulungiselela, kanye nezindleko zokuposa.

Uma uMgcinilwazi ethola isicelo, uzodinga ukuba umfakisicelo akhokhe imali emisiwe ngaphambu kokuba kusetshenzwe isicelo.

Uma ukucingwa kwerekhodi sokwenziwe kanye nokulungiswa kwerekhodi ukuba lidalulwe, kumbandakanya amalungiselelo okulenza ukuba litholakale ngohlobo oluceliwe, kudinga isikhathi esingeziwe kunaleso esibekwe ngumthethonqubo ukwenzela lenhloso, uMgcinilwazi uzokwazisa umfakisicelo ukuba akhokhe idiphozi njengxenye yemali ebekiwe yemali yokufinyelela okuzofanele ikhokhwe ngaphambu kokuba isicelo sivunywe.

UMgcinilwazi uzobamba amarekhodi aceliwe kuze kube umfakisicelo usekhokhe zonke izimali njengoba kukhonjswe kuSahluko se-8.2.1.

Umfakisicelo, osicelo sakhe sokufinyelelka kwirekhodi sivunyiwe, ufanele akhokhe imali yokufinyeleleka ukuze kukhiqizwe futhi kucingwe futhi kulungiswe, futhi akhokhele nesikhathi esanele esidingeka ukuba singezwe ngamahora ukuze kucingwe futhi kulungiselelwe ukudalulwa kwerekhodi, kumbandakanya ukwenziwa kwamalungiselelo okuthi litholakale ngohlobo oluceliwe.

8.2.1. Izimali mayelana nemigwamanda kahulumeni

Ukwenzela isahluko sama-22 (2) soMthetho, okulandelayo kuyasetshenziswa:

INCAZELO	INANI LEMALI (R)
Imali yesicelo ekhokhwa yiwo wonke umfakisicelo, ngaphandle kozifakela yena isicelo, okukhulunywe ngayo kusimiso sesi-7 (2)	35,00.
Ikopi yemanuwali ecatshangwa kusimiso sesi- 5(c) (kunoma iyiphi ofothokopi obukhulu bekhasi obungu-A4 noma ingxenye)	0,60
Izimali zokukhiqiza okukhulunywe ngazo kusimiso sesi-7 (2) zinjengoba zilandela:	
1) Onke amafothokopi ubukhulu bekhasi bungu-A4 noma ingxenye ngokunjalo	0,60
2) Onke amakopi agayiwe ubukhulu bekhasi bungu-A4 noma ingxenye ngokunjalo agcinwe kwikhompyutha noma emshinini	0,40
3) Ikopi enguhlobo olufundeka ngekhompyutha ku- a) sitifi diskhi b) khomphekhthi diskhi (ngohlobo olufundekayo)	 5,00 40,00
4) Ukubhalwa phansi kwemifanekiso ebukwayo a) yobukhulu bekhasi obungu-A4 noma ingxenye ngokunjalo b) Ikopi yezinto ezibukwayo	 22,00 60,00
5) Ukubhalwa phansi kwemisindo erekhodiwe a) Yobukhulu bekhasi obungu-A4 noma ingxenye ngokunjalo b) Yekopi yemisindo erekhodiwe	 12,00 17,00
Izimali zokufinyeleleka ezikhokhwa ngumfakisicelo okukhulunywe ngazo kusimiso wesi-7(3) zinjengoba zilandela:	
1) Onke amafothokopi ubukhulu bekhasi bungu-A4 noma ingxenye ngokunjalo	0,60
2) Onke amakopi agayiwe obukhulu bekhasi obungu-A4 noma ingxenye ngokunjalo agcinwe kwikhompyutha noma ngohlobo olufundeka ngomshini	0,40
3) Ikopi enguhlobo olufundeka ngekhompyutha ku- a) Sitifi diskhi b) Khompekhthi diskhi	 5,00 40,00
4) Ukubhalwa phansi kwemifanekiso ebukwayo, ubukhulu bekhasi bungu-A4 noma ingxenye ngokunjalo	22,00
5) Ikopi yezinto ezibukwayo	60,00
6) Ukubhalwa phansi kwemisindo erekhodiwe, a) Yobukhulu bekhasi obungu-A4 noma ingxenye ngokunjalo b) Yekopi yemisindo erekhodiwe	 12,00 17,00
Ukucinga nokulungisa irekhodi ukuba lidalulwe, ama-R15,00 ihora ngalinye noma ingxenye yehora, kushiya ngaphandle ihora lokuqala, ngokwemfanelo elingekayo ekucingeni nasekulungiseni okufana nalokhu.	
Imali yokuposa okuyiyona ekhokhwayo uma ikopi yekhodi kufanele ithunyelwe ngeposi kumfakisicelo. Izindleko zokuposa zilele kwintela efanele ngokwendawo iposi eliya kuyo.	

8.2.2 Ukudedelwa kanye nokunqunywayo ukwenzela izinhloso zesahluko sama-22(8)

Abantu abalandelayo badedelwe ekukhokheni imali yokufinyeleleka okucatshangwa kusahluko sama-22 (6) soMthetho:

- Umuntu oyedwa omali yakhe engenayo yonyka, ngemuva kwezimali ezidonswayo ezilindelekile okukhulunywe ngazo kuSheduli ekulesi saziso ukuba isaziso zidonsizwe, azedluli ama-R14 712,00 ngonyaka.
- Abantu abashadile noma umuntu kanye nomlingani wakhe empilweni ozomali zabo ezingenayo azedluli ama-R27 192,00 ngonyaka.

Kuyanqunywa futhi ukuthi:

- Lapho izindleko zokuqoqa nanoma iziphi izimali ezicatshangwa kuSahluko sama-22 soMthetho, zedlula izimali ezibizwayo, izimali ezifana nalezi zingeke zisebenze.
- Imali yokufinyeleleka ecatshangwa kuSahluko sama-22 (8) soMthetho ayisebenzi kwirekhodi leminingwane yomuntu uqobo yomfakisicelo.
- Imali yesicelo ecatshangwa kuSahluko sama-22(1) soMthetho kanye nemali yokufinyeleleka ecatshangwa kuSahluko sama-22(6) soMthetho ayisebenzi kusicelo serekhodi sesikhulu sesondlo noma somphenyi wezondlo ukwenzela izinhloso zophenyo lwesondlo imibuzo ngophenyo lwesondlo ngokoMthetho Wesondlo wonyaka we-1998 (uMthetho wama-99 wonyaka we-1998) noma izimiso ezenziwe ngokweSahluko sama-44 soMthetho.

9. UKUVUNYWA/UKWENQATSHWA KWESICELO

9.1. Ukwenqatshwa Kwesicelo

Isicelo sokuthola ulwazi singanqatshwa ngesinye salezi zizathu ezilandelayo, njengoba zichaziwe eMthethweni:

ISAHLUKO	INCAZELO
34	**<u>Ukuvikeleka okugunyaziwe kobumfihlo bengxenye yesithathu okungumuntu ongeyena umuntu wemvelo;</u>** UMgcinilwazi wohlaka lukahulumeni ufanele enqabe isicelo sokufinyeleleka kwirekhodi lalohlaka lukahulumeni, uma lokho kufaka ukudalululwa ngokungafanele kolwazi lomuntu ngqo mayelana nengxenye yesithathu, kumbandkanya umuntu oshonile; Kodwa-ke, irekhodi angeke lenqatshelwa uma liqukethe ulwazi: • Ngengxenye yesithathu ekuvumile ngokubhalwe phansi ukudalulwa kolwazi; • Lunikwa uhlaka lukahulumeni ngumuntu elimayelana naye, futhi lowo muntu azisiwe uhlaka lukahulumeni, ngaphambu kokuba ludalulwe, futhi lolo lwazi lungolohlobo lolwazi olungahle vele ukuba selukhona emphakathini; • Uma lingoluvele oselutholakala emphakathini; • Lumayelana nempilo yomuntu ngokomzimba noma ngokwengqondo, noma inhlalakahle, ongaphansi kokunakekela komfakisicelo, futhi ongaphansi kweminyaka eyi-18 noma engakhoni ukuqonda uhlobo lesicelo, kanti futhi ukudalulwa kwalo kuzoba ngusizo kulo muntu; • Lumayelana nomuntu oshonile futhi oyisihlobo somfakisicelo, noma enza isicelo enemvume ebhalwe phansi evela esihlotsheni salowo muntu; futhi • Lumayelana nomuntu oyisikhulu noma owabe sohlaka lukahulumeni, futhi ulwazi lumayelana nesikhundla noma imisebenzi yalowo muntu.
35	**<u>Ukuvikeleka okugunyaziwe kwamarekhodi athile akwa-SARS</u>** UMgcinilwazi umele enqabe isicelo sokufinyelelka kurekhodi lakwa-SARS uma liqukethe ulwazi olutholakale noma olusezandleni zabakwa-SARS ngezinjongo zokuphoqelelwa iqoqomthetho eliphathelene nokuqoqwa kwentela ngoMthetho woPhiko LaseNingizimu Afrika Lokuqoqwa kwentela wama-32 wonyaka we-1997; ngaphandle uma irekhodi elicelwayo liqukethe ulwazi olumayelana nomfakisicelo noma nomuntu ofakelwe isicelo, esimweni lapho irekhodi lingeke lanqatshwa.

36	**<u>Ukuvikeleka okugunyaziwe kolwazi lwebhizinisi lwenxenye yesithathu</u>** UMgcinilwazi wohlaka lukahulumeni ufanele enqabe isicelo sokufinyeleleka kwirekhodi, uma liqukethe: • Izimfihlo zokuhwebo zengxenye yesithathu: • Ulwazi lezezimali, lezebhizinisi, lesayensi noma lomsebenzi ngaphandle kwezimfihlo zohwebo zezohwebo zengxenye yesithathu, uma ukudalulwa kungahle kubange ukulimala kwezamabhzinisi noma ukunaka kwezezimali kuleyo ngxenye yesithathu; noma • Ulwazi oludalulwe ingxenye yesithathu ngokuyimfihlo futhi, uma ukudalulwa kwalo, kungalindeleka ngemfanelo ukuba kubeke ingxenye yesithathuu esimweni esingesihle ezivumelwaneni noma ekuxoxisaneni noma encindezini ingxenye yesithathu kwezebhizinisi. Kodwa-ke, irekhodi angeke lenqatshelwa uma liqukethe ulwazi: • Oseluvele litholakala emphakathini; • Ngengxenye yesithathu evumile ngokubhalwe phansi ukudalulwa kolwazi kumfaksicelo othintekayo; noma • Ngemiphumela yanoma imuphi umkhiqizo noma ukuvivinywa kwezemvelo (okungekhona okokuqala) noma olunye uphenyo olwenziwa yingxenye yesithathu noma olenziwelwa ingxenye yesithathu, lapho ukudalulwa kwayo kuzoveza ingozi enkulu yokuphepha noma yemvelo.
37	**<u>Ukuvikeleka okugunyaziwe kolwazi oluthile oluyimfihlo, kanye nokuvikelwa kolwazi oluthile oluyimfihlo lwenye ingxenye yesithathu</u>** UMgcinilwazi wohlaka lukahulumeni ufanele enqabe isicelo sokufinyeleleka kwirekhodi lohlaka lukahulumeni uma lokho kuzoba ukwephulwa komsebenzi wobumfihlo obufanele ingxenye yesithathu ngokwesivumelwano. UMgcinilwazi wohlaka lukahulumeni angenqaba isicelo sokufinyeleleka kwirekhodi lohlaka lukahulumeni uma irekhodi lakhiwe ulwazi olunikwe ngobumfihlo yingxenye yesithathu, uma ukudalulwa, nkungabeka encindezini ukuhlinzekwa kwesikhathi esizayo kolwazi olufanayo noma kolwazi oluvela emthonjeni ofanayo; futhi olungaba usizo emphakathini ukuthi ulwazi oluvela emthonjeni ofanayo kuqhutshekwe nokuba luhlinzekwe. Kodwa-ke, irekhodi lingahle lingenqatshelwa, uma lakhiwe ulwazi: • Olivele litholakala emphakathini; noma • Olungengxenye yesithathu futhi ingxenye yesithat evele ivumile ngokubhalwe phansi ukuba ludalulelwe umfakisicelo.
38	**<u>Ukuvikeleka okugunyaziwe kwamarekhodi okuphepha kwabantu ngabanye kanye nawokuvikelwa kwempahla</u>** UMgcinilwazi wohlaka lukahulumeni ufanele enqabe isicelo sokufinyeleleka kwirekhodi lalolo hlaka lukahulumeni uma lokho kudalululwa kulindeleka ngemfanelo ukuba kube impilo noma ukuphepha ngokomzimba kwaloyo muntu engozini. UMgcinilwazi wohlaka lukahulumeni ufanele angenqaba isicelo sokufinyeleleka kwirekhodi lalolo hlaka lukahulumeni uma lokho kudalululwa kuzobeka encindezini noma kuzokhinyabeza ukuphepha kwebhilidi, isakhiwo, noma uhlelo kumndakanya nekhompyutha noma uhlelo lokuxhumana, njengendlela yokuthutha noma yanoma iyiphi impahla. UMgcinilwazi wohlaka lukahulumeni ufanele angenqaba isicelo sokufinyeleleka kwirekhodi lalolo hlaka uma lokho kudalululwa kuzobeka encindezini noma kuzokhinyabeza izindlela, izinhlelo noma izinkambiso zokuvikelwa: • Komuntu ongaphansi kohlelo lofakazi ovikelwe; • Kokuphepha komphakathi noma ingxenye yomphakathi;noma • Kokuphepha kwebhilidi, isakhiwo, noma uhlelo kumbandakanya ikhompyutha noma uhlelo lokuxhumana, njengendlela yokuthutha noma yanoma iyiphi impahla.
39	**<u>Ukuvikeleka okugunyaziwe kwamadokodo amaphoyisa kuzinkambiso zokudedelwa ngebheyili noma ukuvikelwa komthetho kwezinkambiso zokuphoqelelwa komthetho nezomthetho</u>** UMgcinilwazi wohlaka lukahulumeni ufanele enqaba isicelo sokufinyeleleka kwirekhodi lalolo hlaka uma lokho kudalululwa I kwenqatshelwe ngokwesahluko sama-60(14) soMthetho Wenkambiso Yezobugebengu wama-51 wonyaka we-1977. UMgcinilwazi wohlaka lukahulumeni ngezizathu azibona zifanele zokunqaba ngokwesahluko se-39(1)(b) se-PAIA. Irekhodi lingenqatshwa uma lakhiwe ulwazi olumayelana nezimo jikelele zokuboshwa komuntu osejele.

40	**<u>Ukuvikeleka okugunyaziwe kwamarekhodi avunyelwe ukuba akhiqizwe kuzinkambiso zomthetho.</u>** UMgcinilwazi wohlaka lukahulumeni ufanele enqabe isicelo sokufinyeleleka kwirekhodi lohlaka lukahulumeni uma lelo rekhodi livunyelwe ukuba likhiqizwe kuzinkambiso zomthetho, ngaphandle lokukho kuvunyelwa kuguquliwe.
41	**<u>Ezokuvikela, ukuphepha kanye nobudlelwano bamazwe ngamazwe eRiphabhulikhi</u>** UMgcinilwazi wohlaka lukahulumeni anganqaba isicelo sokufinyeleleka kwirekhodi lalolo hlaka lukahulumeni uma lokho kudalululwa kulindeleka ngemfanelo ukuba kudale incindezi. • Ukuvikelwa kweRiphabhulikhi; • Ukuphepha kweRiphabhulikhi; or • Ubudlelwano bamazwe ngamazwe eRiphabhulikhi. UMgcinilwazi wohlaka lukahulumeni anganqaba isicelo sokufinyeleleka kwirekhodi lalolo hlaka lukahulumeni uma lokho kudalululwa kuzoveza ulwazi: • Lunikwe ngobumfihlo noma egameni lomunye umbuso noma inhlangano yamazwe omhlaba; • Lunikwe ngobumfihlo noma egameni lomunye umbuso noma inhlangano yamazwe omhlaba ngokwamalungiselelo noma isivumelwano samazwe ngamazwe esidinga ukuba ulwazi lugcinwe ngobumfihlo; noma • Oludingwa ukuba lugcinwe ngobumfihlo besivumelwano samazwe ngamazwe noma umthetho wamasiko wamazwe ngamazwe ocatshwangwa ngokwesahluko se-231 nese-232 soMthethosisekelo.
42	**<u>Ukunaka Kwezomnotho kanye nenhlalakahle yezezimali zeRiphabhuliki kanye nokwenziwayo kokuhweba kwezinhlaka zikahulumeni</u>** UMgcinilwazi wohlaka lukahulumeni angenqaba isicelo sokufinyeleleka kwirekhodi lalolo hlaka uma ukudalululwa kuzobeka kuzolima ngokubonakalayo ukunaka kwezomnotho noma inhlalakahle yezezimali zeRiphabhulikhi noma ukukhona kukaHulumeni ukuphatha umnotho weRiphabhlikhi ngempumelelo, okwenza ukuba kuzuze iRiphabhlikhi. UMgcinilwazi wohlaka lukahulumeni anganqaba isicelo sokufinyeleleka kwirekhodi lalolo hlaka uma irekhodi: • Liqukethe izimfihlo zohwebo lombuso noma zohlaka lukahulumeni; • Liqikethe ulwazi lezezimali, lezebhizinisi, lesayensi noma lomsebenzi futhi ukudalulwa kwalo kungahle kudale ukulimala ekunakenei kwamabhizinisi noma kwezezimali kombusi noma kohlaka lukahulumeni; • Liqukethe ulwazi okungathi, uma ludaluliwe, lubeke uhlaka lukahulumeni esimweni esingesihle kuzivumelwano noma ekuxoxisaneni noma lincindezele uhlaka lukahulumeni ekuncintisane kwamabhizinisi; noma • Uhlelo lwekhompyutha, njengoba lichazwa eMthethweni Wamalungelo Okushicilelwe wama-98 wonyaka we-1978, olungelombuso noma uhlaka lukahulumeni, ngaphandle uma kudingeka ukuba lifinyeleleke ngokwe-PAIA. UMgcinilwazi wohlaka lukahulumeni anganqaba isicelo sokufinyeleleka kwirekhodi lalolo hlaka uma irekhodi lakhiwe ulwazi: • Oseluvele litholakala emphakathini; • Lumayelana noma lungelohlaka lukahulumeni ngaphandle kohlaka lukahulumeni okwenziwa kulo isicelo, futhi lolu hlaka luvumile ngokubhalwe phansi ukudalulwa kwalo; noma • Lungemiphumela yanoma imuphi umkhiqizo noma ukuvivinywa kwezemvelo (okungekhona okokuqala) noma olunye uphenyo olwenziwa uhlaka lukahulumeni noma imiphumela yanoma ikuphi ukuvivinywa okufana nalokhu okwenziwa uhlaka lukahulumeni noma okwenziwelwa uhlaka lukahulumeni, futhi ukudalulwa kwayo kuzoveza ingozi enkulu yokuphepha komphakathi noma yemvelo.

43	**<u>Ukuvikeleka okugunyaziwe kolwazi locwaningo lwengxenye yesithathu kanye nokuvikelwa kolwazi locwaningo lohlaka lukahulumeni</u>** UMgcinilwazi wohlaka lukahulumeni ufanele enqaba isicelo sokufinyeleleka kwirekhodi lalolo hlaka uma irekhodi liqukethe ulwazi olunikwe ngocwaningo olwenziwe noma oluzokwenziwa noma lenzelwe ingxenye yesithathu, uma luzo uma ludalulwa, luzobeka ingxenyeyesithathu obala, umuntu owenza ucwaningo ngengxenye yesithathu noma lubeke esimweni esingesihle nhlobo isihloko sodaba locwaningo. UMgcinilwazi wohlaka lukahulumeni angenqaba isicelo sokufinyeleleka kwirekhodi lalolo hlaka uma irekhodi liqukethe ulwazi ngocwaningo olwenziwayo noma oluzokwenziwa noma oluzokwenzelwa uhlaka lukahulumeni futhi, uma luzo ludalulwa, luzobeka ingxenye kahulumeni obala, umuntu owenza ucwaningo elenzela uhlaka lukahulumeni noma noma lubeke esimweni esingesihle nhlobo isihloko sodaba locwaningo.
44	**<u>Ukusebenza kwezinhlaka zikahulumeni</u>** UMgcinilwazi wohlaka lukahulumeni angenqaba isicelo sokufinyeleleka kwirekhodi lalolo hlaka lukahulumeni uma irekhodi liqukethe umbono, iseluleko, umbiko noma isincomo esitholwe noma esilungiselwe, noma inkulumo ngokuxhumana, izingxoxo noma ukuxoxisana, kumbandakanya amaminithi emihlangano, ngezinjongo zokusiza ukuthi kwakhiwe inqubomgomo noma kuthathwe isinqumo ekusetshenzisweni kwamandla noma ekwenzeni umsebenzi ngokulandela umthetho. UMgcinilwazi wohlaka lukahulumeni angenqaba isicelo sokufinyeleleka kwirekhodi lalolo hlaka uma irekhodi ngemfanelo kungalindeleka ukuba likhubaze inqubo yokuxoxisana ohlakeni lukahulumeni noma phakathi kwezinhlaka zikahulumeni ngokuvimba ukuxhuna okubonakalayo ngombono, iseluleko, umbiko noma isincomo; noma ukubamba kowezingxoxiswano zokuthola umbono, izingxoxo noma ukuxoxisana, noma uma ukudalulwa kwerekhodi kungadalula okuqukethwe kungakafiki isikhathi senqubomgomo noma kwenqubomgoo ecatshwangwayo ngokulindlelekile ngemfanelo ukuze kubazwe impumelelo yaleyo nqubomgomo. UMgcinilwazi wohlaka lukahulumeni anganqaba isicelo sokufinyeleleka kwirekhodi lalolo hlaka uhlaka lukahulumeni: • Ukudalulwa kwerekhodi kulindelekile ngemfanelo ukuthi kukhinyabeze impumelelo yokuvivinywa, ukuhlolwa noma yenkambiso yocwaningomabhuku olusetshenziswe uhlaka lukahulumeni; • Umbhalo uqukethe impahla yokuhlola, ngisho noma ngabe umuntu oyihlinzekile uphawuliwe kwirekhodi, ukudalulwa kwempahala kuzoba ukwephula isethembiso noma isethembiso esihlosiwe, esenziwe kumuntu ohlinzeke leyo mpahla; futhi ukuphawulwa kwempahal noma kwalyo muntu oyihlinzekile kuzogcginwa kuyimfihlo. • Irekhodi liqukethe umbhalao wokuqala, osebenzayo noma osasetshenzwa wesikhulu sohlaka lukahulumeni.
45	**<u>Ukuvela kwezicelo zolwazi ezicacile ukuthi zingukusa noma ezingukuhlupha, noma ezifaka ukwehluka ngokungafanele kwemithombo</u>** UMgcinilwazi wohlaka lukahulumeni angenqaba isicelo sokufinyeleleka kwirekhodi lalolo hlaka uma isicelo sivela sicacile ukuthi zingukusa noma singukuhlupha, noma sifaka ukwehluka ngokungafanele noma uma ukusetshenzwa kwaleso sicelo kuzodalululwa ukwehluka ngokungafanele kumithombo yohlaka lukahulumeni.
46	**<u>Ukudalula okugunyaziwe okuzuzisa umphakathi</u>** Ngaphandle kwezizathu ezisohlwini olungenhla zokwenqatshwa, uMgcinilwazi wohlaka lukahulumeni ufane avumele isicelo sokufinyeleleka kwirekhodi lalolo hlaka uma ukudalululwa kuzoveza ubufakazi bokwephula umthetho okubonakalayo noma ukwehluleka bokuhlonipha umthetho; ubungozi obungahle bubekhona bokuphepha komphakathi noma bemvelo; futhi ngokuzuza komphakathi ukudalulwa kwerekhodi kudlula ingozi ecatshangelwayo ngokwezathu zokuqaba.

9.2. Ukukhalaza

Umfakisicelo angafaka isikhalazo sangaphakathi aphikise isinqumo soMgcinilwazi wesigungu sikahulumeni:

- Ukunqatshwa kwesicelo sokufinyeleleka;
- Mayelana nemali yesicelo, idiphozi emalini yokufinyeleleka, noma imali yokufinyeleleka;
- Mayelana nokwelulwa kwesikhathi sokusetshenzwa kwesisicelo; futhi
- Maqondana nokuvunywa kokufinyeleleka ngohlobo olehlukile kunalolo oluceliwe.

Ingxenye yesithathu ingafaka isikhalazo sangaphakathi iphikise isinqumo soMgcinilwazi wohlaka lukahulumeni sokuvuma isicelo sokufinyeleleka.

Indlela yokufaka isikhalazo kanye nezimali ezikhokhwayo zokukhalaza

- Isikhalazo sifanele sifakwe ngefomu elimisiwe (bheka iseXhumelo B): olubekiwe
    1. Isikhalazo sifanele sifakwe kungakapheli izinsuku ezingama-60;
    2. Uma isaziso esiya kungxenye yesithathu sidingeka, isikhalazo sifanele sifakwe kungakapheli izinsuku ezinga-30 ngemuva kokuba isaziso sinikwe loyo okhalazayo ngesinqumo esikhalazelwayo;
    3. Uma isaziso esiya kokhalazayo singadingekile ngemuva kokuba kuthathwe isinqumo, isikhalazo sifanele silethwe noma sithunyelwe kuMgcinilwazi wohlaka lukahulumeni oluthintekile ekhelini lakhe, kunombolo yefeksi noma ekhelini le-imeyili.
    4. Isikhalazo sifanele sisho isihloko sesikhalazo futhi sisho izizathu zokukhalaza kwangaphakathi futhi singafaka nanoma ngabe iluphi olunye ulwazi olufanele olwaziwa ngokhalazayo;
    5. Uma, ukwengeza kwimpendulo ebhalwe phansi, okhalazayo efisa ukwaziswa ngesinqumo sokukhalaza kwangaphakathi nganoma iyiphi enye indlela, ufanele ayisho leyo ndlela aphinde ahlinzeke ngemininingwane edingekayo yokwaziswa kanjalo; futhi
    6. Lapho kukhoneka, isikhalazo sifanele siphelekezelwe yimali ekhokhwayo emisiwe yokukhalaza futhi sifanele sicacise ikheli leposi noma inombolo yefeksi.
- Uma isikhalazo sifakwe ngemuva kwesikhathi sokugcina okukhulunywe ngaso, isiphathimandla esifanele, ekuboniseni inhloso enhle, sifanele sivumele ukufakwa kamuva kwesikhalazo.
- Uma leso siphathimandla esifanele senqabela ukufakwa kwesikhalazo okuphuzil, sifanele sinike isaziso ngaleso sinqumo kumuntu ofake isikhalazo.
- Umfakisicelo okhalazayo ephikisa ukunqatshwa kwesicelo sakhe ufanele akhokhe imali ekhokhwayo ebekiwe yokukhalaza, uma ikhona.
- Uma imali ekhokhwayo yesikhalazo ikhokhwa mayelana nesikhalazo, isinqumo sesikhalazo singamiswa kuze kube imali ekhokhwayo isikhokhiwe.
- Ngokushesha okukhonekayo, kodwa nganoma isiphi isimo kungakapheli izinsuku eziyi-10 zokusebenza emuva kokutholakala kwesikhalazo, uMgcinilwazi wohlaka lukahulumeni ufanele asifake kusiphathimandla esifanele:
    1. Isikhalazo kanye nezizathu zakhe ngesinqumo esithintekayo; futhi
    2. Uma isikhalazo siphikisa ukunqatshwa noma ukuvunywa kwesicelo sokufinyeleleka, igama, ikheli, inombolo yocingo noma yefeksi kanye nekheli le-imeyili, noma yikuphi okukhona, kwengxenye yesithathu okufanele yaziswe ngokwesahluko sama-47(1) sesicelo.

UNgqongqoshe Womnyango Wezohwebo Nezimboni usebenza njengesiphathimandla esifanele esisebenza ngezikhalazo ngaphakathi kumnyango.

IFOMU A

ISICELO SOKUFINYELELEKA KUREKHODI LOMGWAMANDA WOMPHAKATHI

(Isahluko se-18(1) soMthetho Wokufinyeleleka Kolwazi we-2000 (uMthetho wesi-2 we-2000))

[Isimiso sesi-6]

LE NGXENYE ISETSHENZISWA NGUMNYANGO:

Isicelo samukelwe ngu-_____ (shono isikhundla ngokomsebenzi, igama esibongo somphathi-lwazi/usekela-mphathi-lwazi) mhla zi- _____ (usuku) e-/o- _____ (indawo).

Imali yesicelo (uma ikhona): R R_____

Idiphozi (uma ikhona):R_____

Imali yokufinyeleleka: R_____

_____

ISIGINESHA YOMGCINILWAZI/USEKELA-MGCINILWAZI

A. Imininingwane yomgwamanda kahulumeni

UMgcinilwazi/uSekela-Mgcinilwazi:

B. Imininingwane yomuntu ofaka isicelo sokufinyeleleka kwirekhodi

- Imininingwane yomuntu ocela ukufinyeleleka kwirekhodi kufanele inikezwe ngezansi.
- Ikheli kanye/noma inombolo yefeksi yaseRiphabhlikhi lapho kufanele ulwazi luthunyelwe khona ifanele inikezwe.
- Ubufakazi bokuthi isicelo senziwa njengobani ngokwesikhundla, uma bukhona, bufanele bufakwe.

Amagama aphelele nesibongo: _____

Inombolo kamazisi/ye-ID: _____

Ikheli leposi: _____

Inombolo yefeksi:_____

Inombolo yocingo:_____

Ikheli le-imeyili:_____

Isikhundla sokuthi isicelo senziwa njengobani, uma senziwela omunye umuntu:

_____

C. Imininingwane yomuntu ofakelwa isicelo

Lesi sahluko kufanele sigcwaliswe KUPHELA uma umfakisicelo esifakela omunye umuntu.

Amagama aphelele nesibongo: _____

Inombolo kamazisi/ye-ID: _____

D. Imininingwane yerekhodi

- Hlinzeka ngemininingwane ephelele yerekhodi okucelwa ukufinyeleleka kulo, kumbandakanya inombolo yereferensi uma uyazi, ukwenzela ukuthi litholakale irekhodi.
- Uma isikhala osinikiwe sisincane, sicela uqhubeke ekhasini elehlukile bese ulinamathisela kuleli fomu. Umfakisicelo kufanele asayinde onke amaphepha angeziwe.

1. Ukuchazwa kwerekhodi noma izingxenye ezifanele zerekhodi: _____

   _____

2. Inombolo yereferensi, uma ikhona:_____
3. Nanoma ngabe imiphi eminye imininingwane yerekhodi:_____

E. Izimali ezikhokhwayo

- Isicelo sokufinyeleleka kwirekhodi, ngaphandle kwerekhodi eliphethe ulwazi ngawe, sizosetshenzwa kuphela ngemuva kokuba isicelo sesikhokhelwe.
- Uzokwaziswa ngesamba semali edingeka ukuba ikhokhwe njengemali yesicelo.
- Imali ekhokhwayo yokufinyelelka kwirekhodi ilele ohlotsheni ukufinyeleleka okudingeka ngalo futhi nasesikhathini esidingekayo ukucinga nokulungisa irekhodi.

  Uma ufanelekile ukuba udedelwa ukuba ukhokhe nanoma ngabe iyiphi imali ekhokhwayo, sicela usho isizathu sokudedelwa.

Isizathu sokudedelwa ukuba ukhokhe izimali:_____

_____

F. Uhlobo lokufinyeleleka kwirekhodi

Uma uvinjwe ukukhubazeka ukuba ufunde, ubukeze noma ulalele irekhodi ngohlobo ukufinyeleleka okuhlinzekwe ngalo ku-1 ukuya ku-4 ngezansi, shono ukukhubazeka kwakho futhi usho uhlobo irekhodi elidingeka ngalo.

Ukukhubazeka:	Uhlobo irekhodi elidingeka ngalo:
Faka uphawu u-X ebhokisini elifanele. AMANOTHI: • Ukuhambisana nesicelo sakho sokufinyeleleka olwazini ngohlobo oluphawuliwe kungalala ohlotsheni irekhodi elitholakala ngalo. • Ukufinyeleleka ngohlobo oluceliwe kungwnqathswa ezimweni ezithile. Kwizimo ezifana nalezi, uzokwaziswa uma ukufinyeleleka kutholakala ngolunye uhlobo. • Imali ekhokhwayo yokufinyeleleka kwirekhodi, uma ikhona, izonqunywa kancane uhlobo lokufinyeleleka oluceliwe.	

1. Uma irekhodi lingohlobo olubhaliwe noma olugayiwe:					
	ikopi yerekhodi		ukuhlolwa kwerekhodi		
2. Uma irekhodi lakhiwe yizinto ezibukwayo: (Lokhu kumbandakanya izithombe, amaslayidi,, okurekhodiwe kwevido, imifanekiso eyakhiwe ngekhopyutha, imidwebo, njll.):					
	ukubuka izithombe		ikopi yezithombe		okubhaliwe ngezithombe
3. Uma irekhodi lenziwe ngamagama noma ngolwazi olungakhiqizwa futhi ngomsindo:					
	ukulalela umsindo oqoshiwe (ikhasethi lomsindo)		umbhalo womsindo oqoshiwe (umbhalo obhaliwe noma ogayiwe)		
4. Uma irekhodi ligcinwe kwikhompyutha noma ngohlobo olufundeka ngomshini:					
	ikopi egayiwe yerekhodi		ikopi egayiwe yolwazi olususelwa kwirekhodi		ikopi yohlobo olufundekayo ngekhompyutha (isitifi diskhi noma ikhompekhthi diskhi)
Uma ucele ikopi noma uhlobo olubhaliwe lwerekhodi (elingenhla), ingabe ufisa ukuba ikopi noma uhlobo olubhaliwe lwerekhodi liposelwe kuwe? **Imali yokuposa iyakhokhwa.**				YES	NO
Qaphela ukuthi uma irekhodi lingatholakali ngolimi oluthandayo, ukufinyeleleka kungatholakala ngolimi irekhodi elitholakala ngalo.					
Yiluphi ulimi ongathanda ukuthola ngalo irekhodi?					

G. Isaziso ngesinqumo mayelana nesicelo sokufinyeleleka

Uzokwaziswa ngokubhaliwe ngesinqumo ukuthi isicelo sakho sivunyiwe/senqatshiwe. Uma ufisa ukwaziswa ngenye indlela, sicela uyisho leyo ndlela futhi uhlinzeke ngemininingwane evumela ukuhambisana nesicelo sakho.

Ungathanda ukwaziswa kanjani ngesinqumo mayelana nesicelo sakho sokufinyeleleka kwirekhodi?

_____

Isayindwe e-/o-_____ ngalolu suku lomhla zi-_____ ku-_____wonyaka we-20___

ISIGINESHA YOMFAKISICELO/YOMUNTU YOMUNTU OFAKELWA ISICELO

IFOMU B

ISAZISO NGESIKHALAZO SANGAPHAKATHI

(Isahluko sama-75 soMthetho Wokufinyeleleka Kolwazi we-2000 (uMthetho wesi-2 we-2000))

[ISimiso sesi-8]

SHONO INOMBOLO YAKHO YEREFRENSI:

A. Imininingwane yomgwamanda kahulumeni

UMgcinilwazi/uSekela-Mgcinilwazi:

B. Imininingwane yomfakisicelo/yengxenye yesithathu efaka isikhalazo sangaphakathi

- Imininingwane yomuntu ofaka isikhalazo sangaphakathi kufanele inikezwe ngezansi.
- Ubufakazi bokuthi sifakwa njengobani isikhalazo ngokwesikhundla, uma bukhona, bufanele bufakwe.
- Imininingwane yomfakisicelo futhi hhayi yomuntu okunguyena owenza isicelo sokufinyeleleka kwirekhodi, imininingwane yomfakisicelo kufanele inikezwe ku-C ngezansi.

Amagama aphelele nesibongo: _____

Inombolo kamazisi/ye-ID: _____

Ikheli leposi: _____

Inombolo yefeksi:_____

Inombolo yocingo:_____

Ikheli le-imeyili:_____

Isikhundla sokuthi isikhalazo sangaphakathi senziwa njengobani senziwela omunye umuntu:

_____

C. Imininingwane yomfakisicelo

Lesi sahluko kufanele siqedelwe KUPHELA uma ingxenye yesithathu (ngaphandle komfakisicelo) ifaka isikhalazo sangaphakathi.

Amagama aphelele nesibongo: _____

Inombolo kamazisi/ye-ID: _____

D. Isinqumo isikhalazo sangaphakathi esifakelwa ukusiphikisa

Faka uphawu u-X ebhokisini elifanele lesinqumo isikhalazo sangaphakathi esiphikiswayo:	
	Ukunqabtshwa kwesicelo sokufinyeleleka
	Isinqumo mayelana nezimali ezibekwe ngokwesahluko sama-22 soMthetho
	Isinqumo mayelana nokwelulwa kwesikhathi isicelo okufanele sisetshenzwe ngaso ngokwesigaba sama-26 (1) soMthetho
	Isinqumo ngwesigaba sama-29(3) somthetho sokunqaba ukufinyeleleka ngohlobo olucelwe ngumfakisicelo
	Isinqumo sokuvuma isicelo sokufinyeleleka

E. Izizathu zokukhalaza

Uma isikhala osinikiwe sisincane, sicela uqhubeke ekhasini elehlukile bese ulinamathisela kuleli fomu. Ufanele usayinde onke amaphepha angeziwe.

Shono izizathu ukukhalaza kwangaphakathi okususelwa kuzo:

_____

_____

_____

Shono nanoma yiluphi olunye ulwazi olungafaneleka mayelana nesikhalazo:

_____

_____

_____

F. Isaziso ngesinqumo ngesikhalazo

Uzokwaziswa ngokubhaliwe ngesinqumo sokukhalaza kwakho kwangaphakathi. Uma ufisa ukwaziswa ngenye indlela, sicela uyisho leyo ndlela futhi uhlinzeke ngemininingwane evumela ukuhambisana nesicelo sakho.

Shono indlela: _____

Imininingwane yendlela: _____

Isayindwe e-/o-_____ ngalolu suku lomhla zi-_____ ku-_____ wonyaka we-20____

ISIGINESHA YOMKHALAZI

LE NGXENYE ISETSHENZISWA NGUMNYANGO:

UKUBHALISWA OKUSEMTHETHWENI KWESIKHALAZO SANGAPHAKATHI:

Isikhalazo satholwa mhla zi- _____(usuku) ngu-_____

(shono isikhundla ngokomsebenzi, igama nesibongo soMgcinilwazi/uSekela-Mgcinilwazi).

Isikhalazo sabe siphelekelwa izizathu ngesinqumo soMgcinilwazi/sikaSekela-Mgcinilwazi kanye, lapho ikhona, nemininingwane yengxenye yesithathu orekhodi limayelana nayo, esifakwe nguMgcinilwazi/uSekela-Mgcinilwazi mhla zi-_____ (suku) kusiphathimandla esifanele.

OUTCOME OF APPEAL:

Isinqumo soMgcinilwazi/sikaSekela-Mgcinilwazi Siqinisekisiwe/Isinqumo Esisha Esikhishiwe
Isinqumo Esisha:

_____

_____

_____

_____ _____

Isiphathimandla esifanele Usuku

Smaukelwe nguMgcinilwazi/uSekela-Mgcinilwazi: sivela kuSiphathimandla Esifanele mhla zi:- _____(Ususku)

AMANOTHI

the dti **Customer Contact Centre**

0861 843 384 / + 27 12 394 9500

the dti **Website**

www.thedti.gov.za

the dti **Postal Address**

Private Bag X84

Pretoria

0001